Egameni lika Allah Onomusa Onesihawu

Umbhali we I Islam iyi ...

nguPete Seda

Wafundisa eMelika iminyaka engaphezu kwengu 20

Iguqulelwe olimini lweSizulu ngu Br. Isa Mbongiseni Khumalo

Yafundisisiswa yalungiswa ngu Moulana Moosa Phiri no Sheikh Rafeek Hassen we –(iiFRi)Islamic Interfaith Research Institute.

Ngafunda lencwadi ngathola ukuthi inikeza ulwazi oluyinzuzo futhi ikulungele ukufundwa ngunoma ngubani ofisa ukuqonda kanzulu ngeIslam kusukela emnyombeni wayo.
Moulana A.A.Jeena

Yavumeleka ukuthi ingasetshenziswa ngunoma ngubani ofisa ukuqonda ngeIslam ngendlela enokungachemi .Lencwadi seyaguqulelwa olimini lwesi Spanish ,lwesi French ,lwesi Roma kanye naseSizulwini.
Yashicilelwa yavunywa yilaba abalandelayo

1. Moulana A.A.Jeena - *Jamiatul Ulama*
2. Moulana Muhammad Ashraf E.Docrat - *University of Johannesburg*
3. Moulana N.Mitha - *Mahad al Nur Al Islami*
4. Moulana M.Rafeeq Hathurani - *Author, educationist*
5. Mufti A.H. Elias - *Mufti, Radio Islam. Author of more than 200 islamic books*
6. M. Ebrahim (Goolambhai)*Teacher –Pretoria ,Canada,Laudium&Brits*

First Zulu Print
Ukushicilelwa kwayo kokuqala ngeSizulu kwaba ngo: Ntulikazi 2011 eThekwini.
Second Zulu Print
Ukushicilelwa kwayo kwesibili ngeSizulu kwaba ngo: Nhlolanja 2012 eThekwini.
Third Zulu Print
Ukushicilelwa kwayo kwesithathu ngeSizulu kwaba ngo: Ntulikazi 2012 eThekwini.
Fourth Zulu Print
Ukushicilelwa kwayo kwesithathu ngeSizulu kwaba ngo: Nhlangulana 2013 eThekwini.
Fifth Zulu Print
Ukushicilelwa kwayo kwesithathu ngeSizulu kwaba ngo: Ulwezi 2013 eThekwini

Egameni lika Allah Onomusa Onesihawu

# OKUPHAKATHI

OKUPHAKATHI 1
ISANDULELO 3
1. IYINI I ISLAM 3
2. UKUKHOLELWA EBUYENI BAKHE 4
2 a. UBUNYE BUKA MVELINQANGI EMBUSWENI WAKHE (ONGENAMKHAWULO) 5
2 b. UKUZIMISELA UKUKHONZA OYEDWA NOKUNGUKUPHELA KWAKHE 6
2 c. UBUYENA OBUNGEFANISWE NALUTHO KANYE NOBUNYE BAKHE NAMAGAMA ANGAWOBUHLE BAKHE 8
3. IZINQUBO EZIYISITHUPHA ZE ISLAM 10
3 a. UKUKHOLELWA KUMVELINQANGI 10
3 b. UKUKHOLELWA EZINGELOSINI 10
3 c.UKUKHOLELWA KUZO ZONKE IZAMBULO 10
3 d. UKUKHOLELWA KUBAPHROFETHI NASEZITHUNYWENI 11
3 e. UKUKHOLWELWA OSUKWINI LOKWAHLULELWA 14
3 f. UKUKHOLELWA UKUTHI YONKE INTO YENZEKA NGOKUYALELWA NGUYE 15
4. ILUNGELO LESINTU LOKWENZA NGOKUZIKHETHELA 15
5. AKUKHO MPOQO ENKOLWENI 16
6. IZINSIKA EZINHLANU ZE ISLAM 17
6 a. UKWAMUKELA UKHOLO (SHAHADA) 17
6 b. UKUTHANDAZA KAHLANU NGELANGA (SALAH) 18
6 c.UKUKHOKHA UMNIKELO WABAMPOFU (ZAKAH) 19
6 d. UKUZILA NGENYANGA KARAMADAAN (SAWM) 19
6 e. UHAMBO OLUYA EMEKHA (HAJJ) 20
7. IKHUR'AANI 20
8. UMPHROFETHI UMUHAMMAD (UK.M.K) NEZIMFUNDISO KANYE NEZENZO ZAKHE 23

9. UBUNGOZI BEMIFAKELA KWI ISLAM (BID 'AH) 24
10. INDABA KA ADAM NO EVA 25
11 UJESU (Uk.M.K) 27
12 ISONO NOKUSIVUMA 29
13. UKUHLELEKA KOKWAKEKHA KWE ISLAM 30
14. UMTHETHO NGOKWE ISLAM 32
15. INDLELA YOKUGQOKA KWI ISLAM 33
16. ABESIFAZANE KWI ISLAM 34
17. UBUKHONDLAKHONDLA BAMADODA KANYE NOMHLABA WAMAMUSLIM 35
18. I ISLAM, IMPI KANYE NE JIHAD 37
19. UBUCHWEPHESHE NAMAKHONO 43
20. UBUNTAMOLUKHUNI NOBUVUKELAMBUSO 44
21. ISIHLAZIYO 45
22. AMAZWI OMHLELI 46

## ISANDULELO

Inhloso yalencwadi ukwethula izimfundiso ze Islam okuyizona zangengempela.Lapha asethuli ushicilelo thizeni noma uhlangothi oluthile lwe Islam.Simele ukwethula i Islam njengoba injalo,ingahlotshisiwe sibe siyivumela ukuthi izimele yona ngokwayo.I Islam yinye vo kanye nendlela engaphilwa ngayo leyo ka MPhrofethi UMuhammad(Uk.M.K) [1]Ihloso ukunikeza ulwazi olungaba isiqalo esibalulekile, lolu olunikezwa iKhur'aani Engcwele njengoyiSibonelo UMPhrofethi(Uk.M.K).Sifisa nokuphendula eminye yemibuzo eyaywe imbuzwe nge Islam.Ngaphandle kwephuzu lokuthi i-Islam inabalandeli abangaphezu kokukodwa kokuhlanu 1/5 emhlabeni wonke ,amazwe emiphakathi yaseNtshonalanga awayiqondanga futhi ayibeka ngokungeyikho .Kunethemba lokuthi lomsebenzi uzoletha ukukhanya nge Islam leya yangempela eyaMbulwa kuMuhammad(Uk.M.K) ,kuhlale obala amaqiniso kuphele nesimfundisoze nge-Islam , nokuyinto eyagcina isidale inzondo namagqubu.Sibhala lencwajana sinethemba lokuthi zonke Izinkolo ziyokuza nganeno zisebenzisane nathi ekuletheni ukubekezelelana ,ukuzithoba ,ukubona ngasolinye kanye nokuthula emhlabeni

## 1. IYINI I ISLAM

Igama lesi Arabhu elithi Islam lichaza ukuzinikela noma ukuzidela. Leligama uma silibuka ngasohlangothini lwezenkolo lichaza ukuzinikela ngokuphelele ekwenzeni intando ka Mvelinqangi ukuze uphile ngokuthula nangentokomalo.Ukuthula (Salam )ngesiArabhu kanti ngesi Hebheru kuthiwa Shalom,loku kuthula kutholakala ngokuzithoba okungenamkhawulo emthethweni eyambulwa ka Mvelinqangi,njengoba Yena Engubulungiswa ,Nokuthula .(Amagama asetshenzisiwe achaza ngoMvelinqangi kungaba athathelwe evesini le Khu'raani noma emaGameni Akhe wonke amahle). Igama elithi Islam[2] lichazwa ngendlela efanayo emhlabeni wonke.

---

[1]Izinhlamvu (Uk.M.K) zichaza ukuthi, Ukuthula Makube Kuye noma kubo.Empeleni kuyindlela eyindabuko ye Islam ukuhlonipha ngokuthi uthumele izibusiso zokuthula kuba Phrofethi naseziThunyweni zika Mvelinqangi njalo uma uphatha amagama abo.Ukuhlonipha Izithunywa nabaPhrofethi kusewukuhlonipha uAllah uqobo.

I- Islam ayiqanjwanga ngemva kwesizwe esithile noma abantu abathize okukanye umuntu mumbe,njengoba sibona ubuJuda baqanjwa ngesizwe samaJuda,ubuKhrestu baqanjwa ngemuva kuka Khrestu kanti ubuBhuda bona baqanjwa ngemuva kuka Bhuda.Igama elithi Islam akulona igama elikhethwe ngabantu ,kodwa igama elambulwa ngokuxhumene noMvelinqangi.I-Islam Inkolo ekhona emhlabeni wonke akuyona eyaseNtshonalanga noma eMpumalanga kuphela.I Islam indlela yokuphila ephelele ekhombisa ukuzinikela ngokuphelele kuMvelinqangi.

Lowo owesilisa noma owesifazane ozinikela ngokuphelele ezijuba[3] ekwenzeni intando ka Mvelinqangi ubizwa ngokuthiwa iMuslim.Akuyena UMuhammad(Uk.M.K) owaletha i-Islam kodwa uAdam owaqala ukuletha i-Islam esintwini.Kusukela lapho ke bonke abaphrofethi kanye neziThunywa zazifika nombiko owodwa wokuxwayisa abantu ngemithetho ka Allah.Zazi nikeza izimfudiso ezazihambisana nesimo sangaleso sikhathi,kwaze kwaba kufika Isithunywa sokugcina nesiyisiphetho esintwini sonke uMuhammad(Uk.M.K)efika neThestamente lokugcina neliyisiphetho eSintwini sonke elibizwa ngokuthi iKhur'aani.

UAllah igama lesi Arabhu elichaza ukuthi "UMvelinqangi wangempela Oyedwa Nokungukuphela Kwakhe" igama elifanele ukuchaza Owadala amazulu nomhlaba.AmaJuda kanye namaKhrestu akhuluma isiArabhu nawo asebenzisa lona leligama elithi Allah. Kuma Muslim u Allah igama elikhulu kakhulu elifaka wonke amagama Akhe amahle ,kubandakanya nokuthi ,OkuNguye okumele Athandwe kakhulu ekukhonzweni,OkuNguye owadala konke okukhona.

## 2. UKUKHOLELWA EBUYENI BAKHE

Inqubongqikithi yokukholelwa Ebunyeni Bakhe eyaziwa ngokuthi iTawheed ngesi Arabhu iyonanto eyodwa ebaluleke kakhulu

---

[2]Amanye amaMuslim awakunambithisisi ukuthi kuthiwe i-Islam Inkolo,empeleni i-Islam indlela yokuphila ephelele ngoba ngesi Arabhu kuthiwa iDeen okusho ukuthi "Indlela yokuphila ephelele".Lokhu kuyafana nasebuKhrestwini basemandulo bona ababebubiza ngokuthi "Yindlela".

[3]'Ukuzijuba ngokuphelele la kuchaza ukuzikhethela kusukela othandweni lomuntu", Lokhu ukuzinikela ngenhliziyo yakho yonke ekukhonzeni UMvelinqangi Oyedwa ongabambisene namuntu Amdalile.

kwi Islam.Ukukholelwa Ebunyeni Bakhe kusithatha kusibuyisele emuva laphaya eMiyalelweni eyilishumi ,kanti la kulslam yonke into yakhelwe phezu kobunye buka Mvelinqangi Oyedwa.I Islam ebizela Isintu ekukhonzeni uMdali Oyedwa ongahlanganiswe nalutho aludalile ,Yena Oyedwa Nokungukuphela Kwakhe Weqiniso.Ayikho indlela yokukhonza noma yokudumisa engaba nenzuzo uma inqubongqikithi yokukholelwa ebunyeni bakhe ingaba ngomunye umbono.Ngenxa yokubaluleka kwayo ,inqubongqikithi yokukholelwa ebunyeni Bakhe (Ubunye baseZulwini nobuzimele bodwa)kumele yaziwe icace futhi iqondwe ngokugcwele.Ukuze kubelula ukudingida ngokuKholelwa Ebunyeni Bakhe kungabukwa ngaphansi kwalezikhawana:

(a) **Ubunye buka Mvelinqangi** Embusweni Wakhe (Ongenamkhawulo).

(b) Ukuzimisela ukukhonza **Oyedwa Nokungukuphela kwakhe**

(c) **Ubunye buka Mvelinqangi** yibo bodwa ayikho into engaqhathathiswa nabo Emagameni Akhe naseBuhleni bawo.

Lobu jumpu jumpu obunikeziwe abuqonde lutho ngaphandle kokuthi benze kubelula ukudingida nokucacisa ngaphansi kwesihloko esithi 'UMvelinqangi **Munye futhi akekho omunye'. (Ukukholelwa Ebunyeni Bakhe iyona ndlela engaholela ekuqondeni kangcono nge Islam kanti ukuphinda ubuyele kulesihlokwana kuyakhuthazwa).**

## *2 a. UBUNYE BUKA MVELINQANGI EMBUSWENI WAKHE (ONGENAMKHAWULO)*

Ubunye buka Mvelinqangi Embusweni wakhe ,uMdali waMazulu noMhlaba owayekhona kungakabi bikho lutho ,Ubusa ngendlela enobumsulwa ezweni lonke.Nguyena yedwa owadala yonke into. Nguyena yedwa odala ukuthi yonke into yenzeke.Nguyena yedwa owondlayo nolawula yonke impilo nokufa.UNgusomandla,UNgon genamkhawulo,UNgomsulwa ngokuphelele akanasici.Akabambisene namuntu ekuphatheni Umbuso Wakhe .Akukho lutho olungaphikisa ukulawula kwakhe .Nguyena owasidala ngomphefumulo owodwa wasenza saba yilokhu esiyikho namhlanje.Nguye owadala izinkayezi eziyizigidi ngezigidi kanye nokunye okukuzo

wakugcina kusesimeni sangokwendalo Yakhe .Akukho cembe nalinye eliwa ngaphandle kwemvumo yakhe .Yonke into igcinwe emibhalweni efanele.Yena ungaphezu kokuqonda kwethu .Unamandla ngendlela yokuthi uma efuna ukudala into uvele nje athi "Akube khona" kubekhona.Wadala isikhathi ,umkhathi,nemihlaba esiyaziyo nesingayazi yize engasiyo ingxenye yayo.Amakholwa amaningi ayabona ukuthi UMdali womhlaba wonke munye ,futhi akabambisene namuntu kulokho.I Islam ithasisela nangolwazi lokuthi akasiyo ingxenye yendalo Yakhe,futhi akukho okudalwe Nguye okunesandla ekubuseni kwakhe.

Ngokwe Islam ukukholelwa ekutheni kukhona okudalwe nguMvelinqangi okunesandla ekuphatheni izintambo zombuso Wakhe kuthathwa ngokuthi ukukhonza onkulunkulu abaningi nokuwukungakholwa.Isibonelo salezinkoleloze kungaba ukukholelwa ekutheni ababhulayo kanye nabachazi bezinkayezi bangakwazi ukubona okusazokwenzeka.

UMvelinqangi uqaphele konke, Uthi Nguye kuphela owazi okuzokwenzeka .Usizo lwakhe kuphela olungaletha usizo olumsulwa. Akukho muntu ongehlisa usizo lwakhe ngaphandle kwemvumo Yakhe.Ukukholelwa ekutheni imigexo noma iziqhobosho zinamandla athize kuwuhlobo lokukhonza onkulunkulu abaningi.Lezinqubo azivumelekile kuIslam.

## 2 b. UKUZIMISELA UKUKHONZA OYEDWA NOKUNGUKUPHELA KWAKHE

UMvelinqangi kuphela,Onchomekayo ,okumele akhonzwe.Lombiko washiwo yibo bonke abaPhrofethi neZithunywa (Uk.M.K) ze Islam ezazithunyelwe nguMvelinqangi eMandulo ,kanti iyona nkolelo okwakhelwe phezu kwayo i-Islam.UMvelinqngi uyasitshela ukuthi inhloso yokudala Kwakhe umuntu kwakungukuthi azokhonza Yena Yedwa.Inhloso yeIslam ukubuyisela abantu endleleni eqondile yokukhonza UMdali kuphela ,hayi okudalwe Nguye.

Ihluka lapho ke i Islam kwezinye izinkolo.Yize noma ezinye izinkolo zibona ukuthi munye kuphela konkulunkulu abaningi uma sekuziwa ngasekukhonzeni.Lezi zinkolo kungaba ukuthi zitshela

abalandeli bazo ukuba bathathe omunye unkulunkulu njengo nkulunkulu omncane kunalo ONgumdali wangempela, UMvelinqangi noma baphoqelele ukuthi abalandeli bamise omunye phakathi kwabo noMvelinqangi njengomnxuseli wabo.

Bonke abaPhrofethi nezithuntwa zika Allah kusukela kuAdam(Uk.M.K) kuze kuyo fika kuMuhammad(Uk.M.K)babebizela abantu ekukhonzeni UMvelinqangi kuphela ,ongena zakwabo namkhulumeli.Lolu ilona kholo olumsulwakazi ,nolucace bha olungelemvelo.I- Islam iyaphikisana nezazi zamasiko ezithi inkolo yomuntu yasemandulo yayihambisana nokukhonzwa konkulunkulu abangaphezu koyedwa okwathi ngemva kwesikhathi yaguqukela ekukhonzeni OYedwa .I Islam ikholelwa kokuhlukile kulokhu.Empeleni amasiko esintu adonsela phansi abantu ukuthi bakhonze izithombe lokhu kwenzeka ngezikhathi zokufika kwabaPhrofethi abahlukene izikhathi ngezikhathi .Ngisho nangezikhathi Izithunywa zisephakathi kwabo imbala babehlubuka bakhonze izithombe .UMvelinqangi wathumela Izithunywa ezahlukene izikhathi ngezikhathi ukuze zibabuyisele emuva ekukhonzeni Yena yedwa engahlanganiswe nalutho.

**UMvelinqangi wadala umuntu waba nomsuka wemvelo osondelene nokukhonza yena Yedwa kuphela .**Usathane ngakolunye uhlangothi naye wayedlala e yakhe indima yokukhipha abantu endleleni eqondile yokukhonza UMvelinqangi Yena yedwa.Waholela abantu ekukhonzeni izithombe.Abantu abaningi banalolu khondolo lokufuna ukukhonza into abayibonayo noma abangaba nesithombe sayo,yize bazi kahle kamhlophe ukuthi UMdali Womhlaba isimo Sakhe singaphezu kokuqonda kokucabanga kwethu. Kuwo wonke umlando ngesintu UMdali wayethumela abaPhrofethi nezithunywa ngezikhathi ezahlukene ukuzobuyisela abantu endleleni eqondile yokukhonza Yena Yedwa kuphela.Ngenxa yezikhubekiso sikaSathane babebuyela bephindelela ekukhonzeni izithombe.

UMvelinqangi wadala umuntu emdalela ukuthi akhonze Yena kuphela.Kwi Islam isono esikhulu esingenziwa ngumuntu kungaba ukukhonza into ethile noma umuntu thizeni ngaphandle kuka Mvelinqangi,noma kungathiwa okhonzayo wenzela ukusondela

aduze nonkulunkulu ngokuthi akuhlanganise Naye,Ongozenele akadingi mkhulumeli namnxuseli.Uzwa yonke imikhuleko futhi wazi yonke into eyenzekayo .Ngaso leso sikhathi Yena aKayidingi imithandazo yethu kodwa Uthi lyamgculisa uma yenziwa.Uzimele ngokuphelele kuyo yonke into.Yonke indalo ithembele kuYena .Bonke abantu uma bengaba ndawonye baMkhonze lokho kungeke kwaMzuzisa ngalutho.Lokho kungeke kwathasisela ngisho nangesisindo sophaphe ebukhulwini Bobukhosi Bakhe.Ngokufanayo uma kungathiwa yonke indalo iyahlubuka ekuMkhonzeni lokho kungeke kwehlisa Ubukhulu Bobukhosi Bakhe ngisho nakancane.Ngokuthi sikhonze UMvelinqangi lokho sikwenzela ukuzuzela imiphefumulo yethu uqobo nokucwalisa okuyinhloso yokusidala Kwakhe.UMvelinqangi akadingi yithi esidingayo,Yena UNgongunaphakade ,UNgoqinisekile.

Ukukhonza akusiwona umcimbi wendabuko yenkolo noma into okumele yenziwe enkolweni kuphela ,kodwa inqubongqikithi yokukhonza ifaka konke .Ukushintsha inabukeni lomntwana,ukunakekela abazali,ukususa amabhodlela afile emngwaqeni ukuze kungalimali abantu-konke lokhu kuseyindlela yokukhonza kuphela nje uma kwenziwe ngenhloso yokugculisa Umvelinqangi.Umnotho,inzuzo,umsebenzi,isikhundla,amandla uma konke lokhu sekuphenduka isikhubekiso kumuntu,sekuba yikho okubalulekile ukwedlula UMvelinqangi , lokhu kungena ngaphansi kohlelo lokukhonza onkulunkulu abaningi.

## *2 c. UBUYENA OBUNGEFANISWE NALUTHO KANYE NOBUNYE BAKHE NAMAGAMA ANGAWOBUHLE BAKHE*

UbuYena kanye noBunye Bakhe Emagameni angawobuhle bakhe busikhombisa ngokusobala ukuthi Umdali akabelani namuntu ngokobuhle bakhe,noma bona babele yena.UNguye ozimele yedwa ngakho konke.Uyohlala njalo ekhona ngoba Nguye owadala yonke into.UMvelinqangi ,Omkhulu kakhulu Uthi,'U Allah ayikho into enokukhonzwa ngaphandle kwakhe,Ophilayo, Ophilisayo akozeli Yena futhi akalali,kungokwakhe konke okuse-

mazulwini nase mhlabeni,ubani ongancengela omunye kuYena ngaphandle kwemvume Yakhe na?.Wazi okungaphambi kwabo nokungasemuva kwabo.Futhi akukho lutho ehaqe ulwazi lwakhe ngaphandle kwalokho akuthandayo .Isihlalo Sakhe sobukhosi singaphezu kwamazulu nomhlaba, futhi ukuqaphele kokubili, akumsindi.Uphakeme kakhulu. [Khur'aani - 2:255].

Akuvumelekile kwi-Islam ukuthatha indalo Yakhe uyenze yena. Izinto ezambulwe Nguye kwiKhur'aani kuphela noma lezo ezashiwo uMphrofethi kuphela ukuchaza Umdali hayi ezinye.Amanye amagama Akhe amahle acishe athi awalingane nawezinga labantu kodwa lokhu kungokolimi lwabantu nje kuphela akusho lutho.Amagama akhe amahle kanye Naye Uqobo Akafani nalutho ngesisakubonile.Njengokuthi nje Yena unolwazi olungolwasezulwini.Umuntu unolwazi.Ulwazi lomuntu alulutho ngempela kunalolo luka Mdali.Ulwazi lukaBaba alunamkhawulo ,Ungowazikonke.Akalufundelana noma kumbe waluthola ndawana thizeni.Ulwazi lukaMdali lwengamele yonke into ngaphandle kokuthi lwehle noma lwenyuke.Ulwazi lomuntu ngakolunye uhlangothi luyaqokelelwa futhi luyaphela.Luhlala njalo luguquuquka ,luyenyuka noma lwehle,luyakhohlwakakala kanti luba namaphutha. UMvelinqangi, Ongaphikiswa unelungelo lokungokwaseZulwini. Kanti nomuntu ngokunjalo unalo ilungelo.Ilungelo likaMvelinqangi lifikela ukwedlula ,njengolwazi lwakhe alwehlisayo.Yena kuphela uyaqikelela ukuthi yonke into ihamba kahle endalweni okungaba yinto eseyadlula neyenzeka manje kanye nesazokwenzeka. Umuntu nje yena uvele afise kanti kade kwahlelwa lokho akufisayo ukuthi kuyoba ngokwakhe.Kodwa kwenzeka kuphela uma UMdali ethanda.Izinto ezitholakala ebantwini zingeze zafaniswa nalezo ezitholakala kuMdali konke okomuntu konomkhawulo.UMvelinqangi akanabulili,ubuthakathaka nasici.UMdali ungaphezu kokucabanga kwenqondo yomuntu ngendalo yobulili.Lapha sisebenzise igama elithi Baba elimele owesilisa,hayi ngoba engowesilisa yini kodwa yingoba bungekho obunye esingabusebenzisa obuzimele bodwa ,la zizama nje ukuhlonipha.Kodwa uma singamfanisa nomuntu wesilisa kungabe lokho kusho ukuthi sesilandela inkolo yabakhonza onkulunkulu abaningi.

Njengokuthi nje uma ekhona othathwa ngokuthi ungonamandla noma ohlakaniphele konke, loko ngungaba isono esikhulu esinngena ngaphansi kokukhonza onkulunkulu abaningi.
[Khur'aani 55:78]"Alibusiswe Igama leNkosi Yenu Umnikazi woBukhosi, noMusa".

## 3. IZINQUBO EZIYISITHUPHA ZE ISLAM

Kunezibambelelo ezithile umuntu okumele akholelwe kuzona ngaphambi kokuthi abizwe ngeMuslim .Lezinqubo zokholo zimi kanje:

A.Ukukholelwa kuMvelinqangi
B.Ukukholelwa eziNgelosini
C.Ukukholelwa kuzo zonke Izambulo
D.Ukukholelwa kubaPhrofethi naseziThunyweni
E.Ukukholelwa osukwini lokwahlulelwa
F.Ukukholelwa ukuthi yonke into iyalelwa Nguye.

### *3 a. UKUKHOLELWA KUMVELINQANGI*

I-Islam igcizelela ukuthi UMvelinqangi munye futhi akanazakwabo, Ungowengamele konke okukhona, kanti Wuyewuye yedwa kukho konke.UMvelinqangi, Onomusa kakhulu onelungelo lokukhonzwa.

### *3 b. UKUKHOLELWA EZINGELOSINI*

Izingelosi ziyindalo kaMvelinqangi.UMvelinqangi, UMsunguli wazidala ngokukhaya.Zinamandla kakhulu futhi zihlala njalo zenza ezikuyalelwe kuMdali.UMvelinqangi wasambulela amagama kanye nemisebenzi yezinye zazo.IMuslim kumele likholelwe ebukhoneni bezingelosi.UGabhriyeli noMikhayeli bakanye nezinye ezibaliwe kwiKhur'aani.Isibonelo: Kungumsebenzi kaGabhriyeli ukuthatha izambulo kuMdali azilethe kubaPhrofethi nasezithunyweni.(Uk.M.K).

### *3 c.UKUKHOLELWA KUZO ZONKE IZAMBULO*

AmaMuslim akholelwa kuzo zonke izambulo zasemandulo ezambulelwa Izithunywa (Uk.M.K) Ngumvelinqangi.IMuslim kumele

likholelwe kuzo zonke izambulo ezibalwe nguMvelinqangi kwi Khur'aani.UMvelinqangi UMnikezi wazambulo futhi zazisesimeni sobumsulwa sokulethwa kwazo.Izambulo uAllah azibalile kwiKhur'aani zimi kanje:

1. ISICROOL sangempela sambulwa ku Abrahama (Uk.M.K)
2. ITora yangempela yambulwa kuMose (Uk.M.K)
3. AMahubo angempela ambulwa kuDavide (Uk.M.K)
4. INjeel yangempela yambulwa kuJesu (Uk.M.k)[4]
5. IKhur'aani yambulwa kuMuhammad (Uk.M.K) esatholakala nanamhlanje isesimeni sayo sasekuqaleni njengoba yambulwa.

AmaMuslim alandela ngokwemfundiso ye Khur'aani lapho ithi khona abantu baguqula Izambulo zika Allah ukuze bafeze izifiso zabo zasemhlabeni.Loluguquko lwenzeka ngenzindlela ezinningi okungabala ukuguqula incazelo yolunye Ulimi bayibeka ngokolunye Ulimi,ukuthasisela okwabo baphinda bakhipha lokho bona abangakudingi .Lomonakalo wamukelwa isikhathi eside konke osekusele manje sekuyinhlanganisela yokwambula nguMvelinqangi nalokho okwakhiwa ngumuntu osekunukubezekile .Yize noma amaMuslim ekholelwa kuzo zonke Izambulo ezambulwa ngaphambilini ,kodwa lapho ethola khona yonke into ephelele ukuze akwazi ukwahlukanisa phakathi kokubi nokuhle ,lapho indlela yomuntu yokuphila isiphelelisiwe iKhur'aani,Yona elokhu yaba njalo kusukela ekuqaleni mhla yaMbulwa kuMuhammad (Uk.M.K).Ayisoze yaguqulwa .

## *3 d. UKUKHOLELWA KUBAPHROFETHI NASEZITHUNYWENI*

Abaphrofethi kanye neziThunywa kwakungabantu ababemukela isambulo kuMvelinqangi bese besidlulisela kubantu.Babethunywele esintwini ukuyosibuyisela emuva enkolweni yokukholelwa ebunyeni bukaMdali.Babephila ngendlela yokuba izibonelo ebantwini ukuze babone ukuthi umuntu ozinikele kuMvelinqangi uphila kanjani ,baphinde baphinde babaholele endleleni eya en-

[4]Amavangeli amaningi atholakala eBhayibhelini abhalwa ngemva kuka Jesu (Uk.M.K) ebhalwa ngababhali abaningi.Kanti iVangeli ngokukaJesu (Uk.M.K) okukhulunywa ngalo kwiKhur'aani ilelo elambulwa kuYena qobo elingabhalwanga Ngaye oyindodana kaMaria (Uk.M.K).

sindisweni.Akekho namunye kubo onesabelo ekuphatheni umbuso wezulu.Babengabantu nje .AmaMuslim awavumelekile ukubakhonza.AmaMuslim awavumelekile ukucela kubo usiso noma abakhothamele.Ngakho ke igama elithi "Muhammadanism"elisho ukuthi ubuMuhammad liyinhlamba enkulu kuma Muslim.Bonke abaPhrofethi neziThunywa bafundisa ukuthi isenzo esinjengalesi siwukhonza onkulunkulu abaningi.Kanti umuntu owenza lokho angeke abizwa ngokuthi uyiMuslim.

Kuzo zonke izikhathi UMdali UMninimandlawonke wathumela abaPhrofethi emhlabeni wonke .AmaMuslim kumele akholelwe kubo bonke abaPhrofethi neziThunywa ezathunyelwa nguAllah. UMvelinqangi Uzisho ngamagama ezinye zazo kwiKhur'aani. Phakathi kwazo azibalile[5] kukhona uAdam ,uNowa,uAbraham ,uMose ,uJesu kanye noMuhammad (Uk.M.K).Bonke babe shumayela i-Islam .Kusukela emandulo bonke ababekholelwa ebunyeni Bakhe futhi bezinikele ekwenzeni intando Yakhe belandela isambulo ngokwabaPhrofethi nangokweziThunywa babebizwa ngokuthi bangamaMuslim. Bonke ababizwa ngabalandela inkolo kaAbrahama(Uk.M.K) banikezwa isicoco salokho ngokozalo kuphela , kodwa kuthathelwa ekukhonzeni kuka Abrahama UMvelinqangi Oyedwa .Ngesikhathi uMose(Uk.M.K)amukela ubuPhrofethi bonke labo abamulandela ngokweqiniso ekukholweleni ebunyeni buka Mvelinqangi babe ngamaMuslim.Ngokufanayo ngesikhathi uJesu(Uk.M.K)efika nezimpawu ezicacile neziyisibonakaliso sobuPhrofethi bakhe ,kwakuyimpoqo kuwo wonke umuntu ukuthi amamukele ukuze abizwe ngokuthi uyiMuslim.Bonke labo abangamamukelanga baba ngabangakholwa(Kufar)kwiIslam ngenxa yaleso senzo sabo.[6]

Ukuphika noma ukungamukeli noma isiphi Isithunywa sikaMvelinqangi lokho kuyamkhipha umuntu ekubeni iMuslim.AmaMuslim

---

[5]AbaPhrofethi ababaliwe ku Khur'aani yilaba uAdam,uEnokhi , uIdris),uNowa,uHud,uSalih ,uAbraham,uLoti,uIshmayeli,uIsaka,uJakobhe,uJosefa,uShu'ayb,uJobe,uMose,uAroni ,uEzekieli,uDavide,uSolomoni,uEliyasi,uJona,uZakariya,uJohani(Umbhabhadisi )kanye noMuhammad (Uk.M.K).

[6]UMvelinqangi wambula ukuthi kuMuhammada (Uk.M.K),"Futhi unimisele Inkolo Ayiyalela phezu kuka Nowa neSiyambule kuwe neSayiyalela phezu kuka Abrahamu noMose noJesu ukuzinzisa Inkolo.Hayi ukuqembuka kuyo.Kunzima kulabo abakhonza izithixo lokho obabizela kukho.U Allah Uziqokela lowo Amthanday futhi Uqondisa Kuye lowo ophendukela Kuye ngokuzisola.[Khur'aani 42:13]

ayalelwa ukuba ahloniphe futhi athande zonke Izithunywa nabaPhrofethi abathunyelwa esintwini nguAllah ukuze basiqondise endleni efanele yokukhonza UMdali kuphela ongahlanganiswe nalutho aludalileyo.Bonke abaPhrofethi babezinikele ngokuphelele ekwenzeni intando ka Allah ,leyo okuyi Islam.AbaPhrofethi kusukela ku Adam kuya Muhammad (Uk.M.K)babe yizingane sandowonye ngokweNkolo.Bonke babizela abantu eqinisweni elilodwa.Izithunywa ezahlukene zafika neqoqwana lemithetho eyahlukene ukubusa nokuqapha isintu,kodwa umsuka wezimfundiso zabo wawumunye.Bonke babebizela abantu ekukhonzeni Umdali wezinto zonke ,hayi ukukhonza okudalwe Nguye.

Kwi Islam ,uMuhammad uhluke ngokuthi Yena uyiSithunywa sokugcina nesiyisiphetho sika Allah .Isizathu sokuqala salokhu ukuthi,UMvelinqangi usaphothula zonke izambulo Zakhe esintwini,wazigcina simsulwa ingunaphakade kwiKhur'aani. Okwesibili UMphrofethi neSithunywa Sakhe wayiphila impilo eyisibonelo iminyaka engamashumi amabili nantathu yobuPhrofethi Bakhe ephila indlela yokuphila emsulwa nacacile leyo okumele iphilwe ngumuntu nekuyiyo ethandwa nguMdali.UMvelinqangi uthi kwiKhur'aani akasekho omunye Umphrofethi oyobuye athunyelwe. Yingalokho ke uMuhammad engowokugcina nesiphetho sabaPhrofethi.[7] Lokhu kusho ukuthi umthetho owambulwa Kuye unezimfundiso zaso sonke Isintu kuze kufike usuku lokwahlulelwa.Ukuba yikholwa kusho ukuthi kumele wamukele uMuhammad(Uk.M.K) njengeSithunywa uphinde wamukele nemithetho eyambulwa kuye kanye nokwamukela bonke abanye abaPhrofethi neziThunywa zaseMandulo bese uyazinikela uzijube ekwenzeni intando ka Allah UMninimandlawonke .Yize ke amaMuslim ekholwelwa futhi ebahlonipha bonke abaPhrofethi kodwa alandela futhi agcine izimfundiso zika Muhammad (UK.M.K) njengeSithunywa zika Allah sokugcina.UMvelinqangi Uthi kwiKhur'aani, " Futhi Asikuthumelanga lutho ngaphandle kokuba ube NguMusa ezizweni" [KHUR'AANI 21:107]

---

[7]Amanye ama Muslim athi lama vesi alandelalyo eBhayibheli ayebikezela ukuza kukaMuhammad(Uk.M.K):Duet. 18:15,18:18,John 1:19-21,14:17,15:26,16:7-8,16:12-13]

## 3 e. *UKUKHOLWELWA OSUKWINI LOKWAHLULE-LWA*

AmaMuslim kumele akholelwe ngaphandle kokungabaza osukwini lokwahlulelwa kanye nasekuvukeni kwabafileyo amathuneni lapho imiphefumulo iyobuyela khona enyameni ngamangla kaMvelinqangi angenamkhawulo.Njengoba Yena Asidala Umdali wesintu okokuqala uyophinde futhi asivese emathuneni ngempela UNgumvusi oyosivusa emathuneni ukuze siyobhekana nokwahlulelwa Nguye ngosuku lokugcina.Ngemva kokwahlulelwa ukufa akusayukuba khona sesiyophila ungunaphakade.Ngosuku lokwahlulelwa yilapho wonke umuntu eyoma khona ngaphambi kuka Mdali aziphendulele ngokwezenzo zakhe azenza emhlabeni .Ngawo lowomzuzu ziyokwazi ukubona ngisho isenzo esihle esincanekunazo zonke esasenza kanye nesincane kunazo zonke esibi esasenza.Amanga nokukhohlisa angeke kusaba khona.Umvuzo omuhle kuyakuba ukuya ePharadesi kanti isijeziso ukuya esiHogweni .Izulu nesihogo kukhona ngempela akusiso isingathekiso noma umzekeliso.UMvelinqangi UMzuzisi noMkhumbuli Uyicaza njendawo enhle yokuphumula iPharadesi ,ehlotshiswe ngezivande okugeleza imifula ngaphansi kwayo.EPheradesi akuyukuba khona kushisa nakubanda,izifo,ukukhathala noma ukuthi kube khona ukuwenza ububi.UMnikezi Wokuvikela uyakususa izifo emizimbeni nasezinhlizinyweni zabahlali bakhona kanti yonke into umuntu ayoyifisa iyokwenzeka.Kuyakuthiwa kubo:LeliPharadesi lingumvuso woMusa ka Allah kanye nenzenzo zenu ezinhle.Okuyoba munandi kunakho konke eMakholweni kuyakuba ukubona Ubuso buka Allah Ophakeme Kakhulu.Ukuthi umuntu uyiMuslim lokho akusho ukuthi uyongena ePharadesi kodwa kumele ufe usesimeni sokuba yiMuslim-Okusho ukuthi uzinikele ngokuphelele ekwenzeni intando ka Allah Oyedwa kuphela.U Allah ,UMahluleli,Uyichaza njengento esabeka kunazo zonke esingazicabanga umlilo ozithungelo zawo kungabantu namatshe.Ngaleso sikhathi izingelosi eziyalelwe ukuwenza lokhu ziya kuthi ''Lokhu yilokhu enanikuphika ''[Khur'aani 83:17]Siyazikholwa ukuthi uAllah UnoMusa UneSihawu;noma kunjalo,kodwa unzima kakhulu ekujeziseni labo okuba fanele.Ubulungiswa Ba-

khe obungenamkhawulo bumsulwa futhi buqinisekile.Ngalolosuku zonke izenzo ziyakwembulwa wonke umuntu uyakuphathwa ngendlela enobulungiswa.Asiyukungena Embusweni ka Allah ngokwezenzo zethu ezinhle kuphela kodwa nangokoMusa Wakhe.

### *3 f. UKUKHOLELWA UKUTHI YONKE INTO YENZEKA NGOKUYALELWA NGUYE*

UMvelinqangi ezikhathini zakhe zonke ,wazi konke okwenzeka endalweni Yakhe.Ngokolwazi lwethu lwesikhashana ,lokhu kuchaza ukuthi UMvelinqangi Ongohlaleqaphile,Wazi yonke into eseyenzeka ,neyenzeka manje kanye nesazokwenzeka.UMvelinqangi UNgowazikonke ,kanti lokho akwaziyo kuyofika isikhathi sokuthi kwenzeke.UYena olawula ngokuthanda kwakhe akekho ongaphikisa ukulawula kwakhe.Ayikho into eyenzeka ngaphandle kwamandla akhe konke kwenzeka ngentando nangolwazi Lwakhe.

## 4. ILUNGELO LESINTU LOKWENZA NGOKUZIKHETHELA

Okuyiyonanto ebalulekile la ku Islam ukuthi isintu kumele sazi ukuthi sinelungelo lokwenza ngokuzikhethela, UMdali wamupha lelilungelo lokwazi ukuzihlukanisela phakathi kokubi nokuhle. Linikeza umuntu iqhaza okumele alibambe kanti ngosuku lokwahlulelwa umuntu uyobhekana nokubuzwa ukuthi wasisebenzisa kanjani lesi siphiwo.

Lelilungelo aliphikisani nokuthi UMvelinqangi, Ufakazi Wazi konke okuzokwenzeka endalweni Yakhe.Omunye umuntu angazibuza ukuthi ,Uma kungukuthi Umdali uyazi ukuthi kusasa umuntu usokwenza isono ,lokho ngeke kwavimbeka ngoba vele kusuke kusolwazini Lwakhe olungenamkhawulo kanti konke akwaziyo kuyomele kwenzeke.Kanti ukuthi UMdali uyazi ngesenzo somuntu ozokwenza isono lokho akusho ukuthi umuntu usuke engeke esakwazi ukusiguqula isinqumo sakhe.Lelilungelo aliphikisani nokuthi UMdali wengamele yonke into endalweni yakhe noma

liphikisane nokuthi ayikho into eyenzeka ngaphandle kwemvumo Yakhe .Omunye angathi okusho ukuthi anginalo ilungelo lokwenza ngokuthanda uma kungukuthi engikwenzayo vele Yena usuke esekwazi ,ilungelo lami lingukuzifanisela nje.Ukuphikisa lokho UMvelinqangi wadala umuntu wafaka ngaphakathi kuye umcabango wokulawula ubuhle nobubi uma efuna ukwenza .UMdali ufuna sikwazi ukuzikhethela ngokuthanda ekwenzeni izinto ezinhle noma ezimbi.Uma umuntu enza isinqumo UMdali uyaye afake isenzo nezingqinamba ezizovumela inhloso yalowo muntu ukuthi iphumelele.Alikho izwi eliyaye liqhamuke ezulwini lithi ungakwenzi lokho kubi noma kuhle kodwa unembeza womuntu oyaye ulawule umuntu ukuthi enze isono hayi ngoba esuke engazi ukuthi wenza isono inkinga unembeza womuntu osuke eseze wasithatha isinqumo.Izenzo ezinhle ngeke umuntu ehla enyuka nazo kodwa UMdali uyamhlomulisa umuntu ngazo.Uma sekufike isikhathi sokuthi kwenzeke okuhle UMdali uyakuvumela ukuthi kwenzeke,kanti UMdali uhlomulisa kokubili inhloso yokwenza okuhle kanye nesenzo sako.Ngamanye amazwi UMdali uhlomulisa ngeṣifiso sokwenza okuhle esicatshangiwe esingazange kodwa senzeke ,yize ke engajezisi muntu ngokucabanga ukwenza isono kepha engazange asenze.

## 5. AKUKHO MPOQO ENKOLWENI

Mayelana nalapha lokhu kufakazela ukuthi umuntu angazikhethela i Islam ngokuzithandela engaphoqiwe.Inhloso yokudalwa komuntu kwakungukuthi kumele umuntu azokhonza UMdali welungelo lakhe .Ngakho ke izindaba zokholo zizwakala kahle uma kungukuthi kunenkululeko yokuzikhethela.Inkolo ephoqelelwe ebantwini ayinamvuzo futhi ayiyona eyeqiniso. UMdali,USimakade uthi, " "Akukho mpoqo enkolweni.Iqiniso lizimele lodwa qekelele emangeni,ngempela indlela elungile icacisiwe kweyedukayo,ngakho ke loyo ongakholwa kusathane ,okholwa ku Allah yena ngempela ubambelele kusibambelelo esiqinile nesingasoze sasiphuka .Futhi u Allah Uzwa konke,Wazi konke"[Khur'aani 2:256] ."

## 6. IZINSIKA EZINHLANU ZE ISLAM

Kunezinsika ezinhlanu ze Islam okumele ukuthi lowo ozibiza ngokuthi uyiMuslim azilandele ethanda noma engathandi.Ngale kwalokho isijeziso sethuna .Umongo weNkolo ye Islam wakhelwe ngaphansi kwalezinsika ezinhlanu.Angeke abizwa ngokuthi uyiMuslim umuntu ongeke ahambisana nalezinsika ezinhlanu, ethanda noma engathandi kumele azingcine zonhlanu.

(a) Ukuvuma ukukholo, uthi,**'Akekho omelwe ukukhonzwa ngaphandle kuka Allah kanti UMuhammad uyiSithunywa Sakhe (Shahada)"**

(b) **Ukuthandaza** kahlanu ngelanga (Salah)

(c) Ukukhokha **umnikelo** wabampofu (Zakah)

(d) **Ukuzila** ukudla (Sawm)

(e) **Uhambo oluya** eMekha (Hajj)

## *6 a. UKWAMUKELA UKHOLO (SHAHADA)*

Kufanelekile ukuthi umuntu ofisa ukungena eNkolweni yeIslam akholwe futhi asho lwamazwi, **"Akekho omelwe ukukhonzwa ngaphandle kuka Allah kanti uMuhammad uyiSithunywa Sakhe".**Ngalamazwi nje kuphela umuntu uyaye amukelwe njengeMuslim eliphelele.Ayikho imininigwane eminingi edingekayo ukuze ungene eNkolweni yeIslam.Inqubo yokuvuma uKholo ingachazwa ngaphansi kwalezingxenye ezintathu.Ingxenye yokuqala "Akekho omelwe..." ukunqaba ngokuphelele ukukhonza onkulunkulu abangaphezu koyedwa.[8] **Lokhu kuwukwenqaba ngokuphelele ukwamukela ukukhonza okudaliwe ngaphandle kuka Mdali,noma kuthiwe kukhona obambisene Naye ekuphatheni Umbuso wezulu noma ngabe ngayiphi indlela.** Ingxenye yesibili " Ngaphandle kuka Mvelinqangi"la kuqinisekisa ekubambeleleni ekukhonzeni Oyedwa,UMvelinqangi Okungukuphela kwakhe Omelwe ukukhonzwa". "UMuhammad Uyisithunywa sikaMvelinqangi" Lena yingxenye yesithathu yokwamukela ukholo. Iqinisekisa ukwamukela ubuPhrofethi bukaMuhammad (Uk.M.K)

---

[8]Lencazelo isacacisa ukuthi akukho okumele ukukhonzwa ngaphandle kuka Mvelinqangi,kanti akukho lutho olunamandla asezulwini ngaphandle kwakhe,noma olubambisene Naye ekuphatheni umbuso Wakhe.Kanti akekho ofana Naye noma ongondla okukanye adale ngaphandle kuka Mvelinqangi,Yena Ongenazakwabo noma Umelekeleli.

ngengoMphrofethi neSithunywa sokugcina nesiphetho.[9] Lokhu kudinga ukuthi wamukele iKhur'aani, indlela yokuphila kanye nezimfundiso eziseqophelweni eliphezulu zika Muhammad (Uk.M.k) . Ngokukholwa kanye nokusho amazwi okwamukela ukholo lokhu kusho ukuphikisana nanoma iyiphi indlela yokukhonza ebandakanya ukukhonza onkulunkulu abangaphezu koyedwa,bese wamukela ukukhonza UMvelinqangi okungukuphela kwakhe.UMvelinqangi akalingani namuntu futhi akanaZakwabo.UMvelinqangi uthembisa ukuthi uma umuntu eqinisekisa kusuka ekujuleni kwenhliziyo ukuthi, " Ngiyavuma ukuthi akekho omelwe ukukhonzwa ngaphandle kukaMvelinqangi futhi uMuhammad uyiSithunywa Sakhe",zonke izono zakhe azenza ziyaxolelwa,Kanti izenzo zomuntu ezinhle azenza uyakuhlomula ngazo,kuMxoleli Omkhulu.

## 6 b. UKUTHANDAZA KAHLANU NGELANGA (SALAH)

Kudingekile ukuthi iMuslim lithandaze imithandazo engumgomo emihlanu ngelanga.AmaMuslim athandaza abheke eMekha endlini eyakhelwa ukukhonza UMvelinqangi Oyedwa.Lendlu ibizwa ngokuthi iKa'abah isakhiwo esinamachopho amane akukho lutho phakathi,sakhiwe ezweni lase Saudi Arabia.Sakhiwa ngu Abrahama(Uk.M.K) ne nendodana yakhe ulshmayeli(Uk.M.K) ukuze kukhonzelwe khona Umdali Oyedwa Nokungukuphela Kwakhe Weqiniso UMvelinqangi.Umuntu kumele akhumbule ukuthi la kwi Islam alukho uphawu oluthile oluhambisana nokukhonza .Asikhonzi iKa'abah kodwa sibheka khona uma sikhonza UMdali. Noma ngabe ubani okhonza iKa'bah lowo muntu ongokhonza izithombe.Ukubeka kucace lesakhiwo sakhiwe ngezinto ezifanayo nalezo ezakhe ezinye izindlu ezingekho Ngcwele.Lemithandazo ithandazwa ubusuku nemini ukuze igcine umuntu eseduze nomdali njalo.Lemithandazo iyindlela yokuxhumana phakathi no-

---

[9]Omunye umuntu angazibuza ukuthi , "Uma kuthiwa i-Islam ifundisa ukuthi bonke abaPhrofethi bayalingana ,pho kungani kumele ukuthi uma umuntu amukele inkolo abalule ubuPhrofethi buka Muhammad (Uk.M.K)ngaphandle kokuphatha amagama abanye abaPhrofethi ?Kumele kwaziwe kucace ukuthi ngokwamukela uMuhammad (Uk.M.K)kusho ukuthi wamukela bonke abaPhrofethi neziThunnywa(U.k.M.K) ezafika ngaphambi kwakhe.Ukuba kwakuyomelwe kuthiwe ,"Akekho omelwe ukukhonzwa ngaphandle kuka Mvelinqangi kanti uMose(Uk.M.K)uyisiThunywa sika Mvelinqangi",lokhu akugcizeleli ukuthi umuntu wamukela bonke abaPhrofethi neziThunywa azalandela uMose(U.k.M.K)ezifana no Jesu(Uk.M.K)no Muhammad(Uk.M.K).

kumuntu noMdali.Iyithuba lokubuyela kuMdali ngokukhonza ,uzibongele, ucele intethelelo bese ucela UMusa Wakhe nokuholwa Nguye.
IMuslim lingayenza imithandazo yokuzijuba noma kangaki ngelanga ngaphandle kwalena engumgomo emihlanu yansuku zonke.Imithandazo empeleni ingenzelwa noma ngabe ikuphi ngazo zonke izikhathi, inqobo nje uma leyo ndawo ihlanzekile.

## *6 c.UKUKHOKHA UMNIKELO WABAMPOFU (ZAKAH)*

Ukukhokha umnikelo wabampofu umsebenzi wenkolo kulo lonke iMuslim, lena inzuzo encane esala enzuzweni yonyaka wonke yomuntu, ibizwa ngokuthi iZakah ngolimi lwesiArabhu, okuchaza ukuthi 'ukuzihlanza".Yonke into ingeka Allah, ONomusa kanti umnotho usesandleni somuntu njengesithenjwa Sakhe.Ukukhokha lomnikelo yindlela yokuzihlambulula kulabo abanomnotho ukuze bangazikhukhumezi baze bangcine sebekhohlwe ukukhonza UMdali UMnikazi womnotho.Inani elibekiwe amaphesenti amabili nesigamu, 2.5%.

## *6 d. UKUZILA NGENYANGA KARAMADAAN (SAWM)*

Lonke iMuslim eliphile kahle emzimbeni kanye nasemqondweni kumele lizile ngenyanga ka Ramadaan.Lenyanga ibalulekile ngoba kwaMbulwangayo iKhur'aani kuMuhammad(Uk.M.K). Izinyanga ziyishumi nanye aKhalendeni ye Islam yokubala ngokulandela inyanga(Lunar)kanti simfishane kwiKhalenda yokubala ngokulandela ilanga (Solar)yize ke kodwa kunjalo inyanga iRamadaan ihamba idlule sonke izikhathi sonyaka.Njengoba ukunikela kuyindlela yokuhlanza umnotho ,kanjalo ukuzila kuyindlela yokuzihlanza.Ukuzila kuqala ekuseni ilanga lingakaphumi kuzekuyophela lapho ilanga selishona.Ngesikhathi uzilile awuphuzi ,awudli kanti futhi awuyi ocansini,abashadile .[10] Lokhu ungakwenza kuphela ukushona kwelanga kuze kuyolamula ukuthatha kokusa.Ukuzila kufundisa ukuzilawula kanye nokubekeze-

---

[10]Islam idinga ubuqotho futhi ayikuvumeli ukuya ocansini ngaphambi komshado.

la.Njengokuthandaza ukuzila kuyindlela yokuzibuyisela ku Allah ngokukhonza okujulile.Izinsuku zamaHolide ama Muslim yi Eid Al –Fitr yona ebungazwa ngemuva kweRamadaan kanye ne Eid Al –Adha yona ebungazwa ngemva kokuphela kwe Hajj.Ukuzila kusenza sikhumbule isimo okusuke kukuso labo abaswele nabalambile kusinikeze ukubonga ngezibusiso thina esingazinaki njengokuphuza amanzi amsulwa kanye nokudla ngokuzikhethela.

## 6 e. UHAMBO OLUYA EMEKHA (HAJJ)

Wonke amaMuslim kumele ahambele eMekha kwiKa'abah kanye empilweni yomuntu ongakwazi ukuya.AmaMuslim minyaka yonke ahlangana khona ngenhloso yokukhonza kanye nokugculisa UMdali.Izinkulungwane zezihambi zivakashela eKa'baah siyokwenza uhambo lwaminyaka yonke.Loluhambo lwaqala ku Abrahama kanti lwabuyisa uMuhammad (Uk.M.K).Uhambo Oluya eMekha lunqamula igebe elikhona phakathi kwezinhlanga kanye nemiphakathi.Kanti luphinde lufundise amaMuslim ukubekezela kanye nokukhona ukuzikhuza.Izivakashi zibhinca izindwangu ezishibhile ukuze kungabi bikho umehluko phakathi konothile nompufu. Yileso naleso senzo esiwukukhonza sokwenza ngokuzikhethela sinikeza inkumbulo yokuthi saqhamuka ku Allah kanti futhi ngelinye ilanga siyobuyela kuYe.

## 7. IKHUR'AANI

Ikhur'aani ingamazwi ka Allah okugcina amsulwa naphelele aphuma ku Allah Uqobo elethwa Ingelosi uGabhriyeli[11] abe esetshalwa azinziswa enhliziyweni ka Mphrofethi wokugcina noyisiphetho sabo bonke abaPhrofethi neZithunywa lowo uMuhammad (Uk.M.K).IKhur'aani yafundwa ngendlela yokuyisho uyiphinda phinda ngekhanda okokuqala ngabalandeli baka Muhammad (U.k.M.K) kanti okwesibili yabe isidluliselwa kithina ngendlela yokubhalwa encwadini iminyaka ngeminyaka.

---

[11]ubu Islam bufundisa ukuthi "Umoya waloyo Ongcwele"nguGabgriyeli okungamele neze neze akhonzwe.(Ukukholelwa ebuthathwini kuyaphikisana henqubo engumgogodla wokukhonza kwi Islam –Ukukholelwa ekukhonzeni UMmvelinqangi).

Izincwadi ezafika ngaphambi kweKhu'raani zilethwa ngabaPhrofethi neziThunywa (Uk.M.K) nazo zazi qhamuka ngqo ku Allah.Ngokwambulwa kweKhur'aani umbiko ka Allah wabe usugcinile,futhi usucacisiwe.

IKhur'aani ingefaniswe nalutho ngezizathu eziningi .U Allah, UMqaphi, uyigcine imsulwa iKhur'aani ngendlela yokuthi ingatholi nokuncane ukunukubezeka kuze kuphele umhlaba.IKhur'aani ayithathwa kuphela ngokuthi ingamazwi ka Allah okuyiwona wona ezinkolweni zonke ngamaMuslim kuphela kepha ngisho Nosomlando beziNkolo[12] imbala bayakusho lokhu. Asikho nasinye Isambulo esake safinyelela kithi ngolimi esambulwa ngalo.Ezinye zazo njenge Scrolls sona esambulwa ku Abrahama(Uk.M.K),asizange sifinyelele kithi unomphelo.Ngemva kwesikhathi eside izincwadi zabhalwa kanti ezinye izingxenye zazo zase sisusiwe zaphinde zanukubezwa ngokomyalezo wazo.U Allah akazange akuvumele lokhu kungcola ukuthi kwenzeke kwiKhur'aani ,lena **incwadi Yakhe eyisiphetho** kuso sonke isintu kuze kufike usuku lokwaHlulelwa.

Akusayukubakhona Mphrofethi nasiThunywa esiyakuthunyelwa ebantwini.Ukuba uAllah wayengazange ayivikele iKhur'aani yayingeke ifinyelele kithina isesesimeni sayo sokuqala.Yingaleso sizathu uAllah engazange amthembe umuntu ukuthi angayigcina isesekulesiya simo sayo sasekuqaleni wabe esekhetha ukuzigcinela Yena uqobo.[13]

Ukuvikelwa ngokwasezulwini kwezincwadi sasemandulo akusange kunakwe kangako ngoba U Allah wayesaqhubeka ethumela abaPhrofethi neZithunywa Zakhe ebantwini.Imithetho njengoba ibekiwe kulezi zincwadi ezindala kwakungesiyo eyokugcina nesiphetho .Ngokohlelo luka Allah uJesu(Uk.M.K)wafika nokulungiswa kweminye yemithetho ,njengokuzolungisa eminye imithetho yasemandulo eyayithi izinto ezithile azivumelekile ,Yena

---

[12]Funda eka Joseph van Ess, "Muhammad and the Qur'aan:Prophecy and Revealation"in Christianity and the World Religion :Paths to Dialogue with Islam ,Hinduism,and Buddism,edited by Hans Kung (Garden City,NY:Doubleday& Co.,1986);and Michael Sells,Approaching the Qur'aan:The Early Revealations (Ashland ,OR White Cloud Press, 1999.)

[13]IKhur'aani enezahluko ezingu 114 kanti iyincwadi eyodwa, ayi njengeminye Imibhalo yamanje ye Bhayibheli ehlukahlukene.AmaProthesitani anezincwadi ezingu 66 kanti Amaroma Akhatholika anezingu 72.Kanti kuze kube nezevile kulezi kwezinye ezibukeziwe.

ezozenza zivumeleke ngaphandle kokwenza uguquko kwinqubo engumgogodla wokukhonza UMdali yedwa .Enye into enhle ngeKhur'aani ukuthi iyisibonakaliso kuyo nangokwayo.Isibonakaliso inkolelo ehambisana nokwenza izinto ngendlela engahambisani neyemvelo kanti sibonakalisa ukungenelela mathupha kuka Mvelinqangi ONgomkhulukazi.

Bonke abaPhrofethi benza izibonaliso ziqhamuka gqo kuAllah ukuze kubonakale ubuqiniso bobuPhrofethi babo.U Abrahama(Uk.M.K.) wasinda ephonswe emalangabini omlilo waphuma engenamyocu.UMose(Uk.K.M)induku Yakhe yaphenduka inyoka nolwandle lwahlukana phakathi ngoMusa ka Allah. UJesu(Uk.M.K) indodana ka Mariya wavusa abafile ,wavula izimpumputhe amehlo wasindisa abagulayo ngemvumo ka Allah. Zonke lezi zibonakaliso zazifakazela ubuqiniso bobuPhrofethi Bakhe kanti abantu ababekhona lapho ngaleso sikhathi abangakufakazela lokho ukuthi ngempela kwenzeka .

Nangapha ngasohlangothini lukaMuhammad(Uk.M.K)zikhona izibonakaliso ezenzeka esingabala kuzo neKhur'aani Engcwele uqobo.U Allah uphonsa inselelo kulabo abangakholelwa kwiKhur'aani ukuthi ivela Kuye uqobo,ukuba okungenani abakhiqize isahluko esisodwa esifana neKhur'aani.(Kumele kwaziwe ukuthi isahluko esincane kunazo zonke sinamavesi amafishane amathathu nje kuphela.Lenselelo ayikaze izanywe nakancane yize kunabantu abaningi ababethanda ukudicilela phansi iKhur'aani baqede nge Islam.Lenselelo imile kuze kuyofika usuku lokwahlulelwa.Esinye sezibonakaliso zeKhur'aani ukuthi awukho nowodwa umsebenzi womuntu engafaniswa nawo ngisho kungathiwa owomuntu ofunde kangakanani.Olimini lwesi Arabhu iyona yodwa esezingeni eliphezulu ngokobuhlakani obukuyo bokucacisa inkulumo.Inedlela yayo yodwa ethile ongeke uyithole kunoma kuyiphi enye incwadi yesiArabhu.IKhur'aani eyabo bonke abantu ngolimi lusakhulunywa nanamuhla yizigidigidi zabantu emhlabeni wonke kanti isesesimeni sayo sokuqala ayikaze yaguqulwa.Ezinye izincwadi ungeke usakwazi ukuzithola ngolimi lwazo lokuqala sezaguqulelwa kwezinye izilimi kwashintshwa nezincazelo zazo ,ezinye izilimi zazo zasekuqaleni kwazo azisakhulunywa namhlanje.

Ayikho neyoda inkulumo kaMuhammad(Uk.M.K)kwiKhur'aani kodwa wonke ngamazwi kaAllah(S.W.T.).Yena wangengakwazi ukufunda nokubhala Ingelosi yayimtshela yena bese eyigcina ekhanda.Wayeyifunda ngokuyiphinda phinda ngekhanda njengoba injalo uma kunesambulo esambuliwe yiNgelosi uGabhriyeli,yize abalandeli bakhe bona babeyiqobela phansi ngokuyibhala bese beyifunda bayiphinda phinde ngekhanda.IKhur'aani ingamazwi aqhamuka ngqo kuAllah.Ngako ke iyona yodwa Incwadi etholakalayo namhlanje eyabhalwa nguMvelinqangi kuphela.Ayikho enye IKhur'aani ebuyekeziwe.Yize ke ziningi izinguquko zezincazelo zeKhur'aani kodwa ngeke zifike kuleyo engolimi lwesiArabhu yona icacisa kuthi bha.Nasi isibonelo sesaHluko seKhur'aani ,Isahluko 112 esithathelwe encazelweni yesiNgisi , "Egameni likaAllah Onomusa Onesihawu"

1. Wothi, "Yena U Allah Munye.
2. Wothi: Ungu Allah oyedwa nokungukuphela kwakhe.
3. Akazali futhi Akazalwangwa.
4. Futhi akekho ofana Naye.

## 8. UMPHROFETHI UMUHAMMAD (Uk.M.K) NEZIMFUNDISO NEZENZO ZAKHE

UMuhammad (Uk.M.K) wazalwa ngonyaka ka 570 CE esizukulwaneni sabaPhrofethi ababili abakhulu baka Allah uAbrahama (Uk.M.K) nenkosana yakhe u Ishmayeli (Uk.M.K). UMuhammad (Uk.M.K) wakhula aziwa njengomuntu othembekile. UMuhammad (Uk.M.K) wakhethwa nguMvelinqangi ukuthi abe UMprofethi nesiThunywa Sakhe. I Sunnah yizenzo kanye nezimfundiso nalokho uMphrofethi uMuhammad (Uk.M.K) athi kuvumelekile. Izichasiso kanye nemibiko kubizwa ngokuthi iHadith kanti kuqoqwe ezincwadini ezingashayi phansi ngobufakazi bazo kodwa kulezo ezishaya emhloleni.NjengeKhur'aani amaSunnah Afakazelwa Isambulo sika Allah(S.W.T)kuMuhammad(Uk.M.K),Kodwa iKhuraani amazwi ka Allah ngeNgelosi.Kumele amaMuslim alandele ezinyathelweni zika Muhammad (Uk.M.K)ngakho konke ukwenza nangazikhathi zonke.Inhloso Ka Allah yokudala umuntu ukuthi azokhonza Yena yedwa la emhlabeni.Lokhu kutholakala

ngokulandela izenzo nezimfundiso zika MPhrofethi (Uk.M.K).U Allah uthi, “Ngempela eSithunyweni sika Allah (uMuhammad ukuthula makube kuye nezibusiso zika Allah zibe phezu kwakhe )nine sibonelo sekhethelo kuloyo owethembela kuAllah (UM-velinqangi)kanye nosuku lokugcina nokukhumbula uAllah ka-khulu”.[KHURAANI 33:21].UMphrofethi wawakhombisa zonke izindlela zokukhonza amaMuslim.Wadlula emhlabeni enemin-yaka engu63 (ngonyaka 632 CE,kanti wafihlwa emzini wakhe oseMekha(eYathrib).Njalo nje uma ezohlangana noma esehluka-na nabalandeli bakhe wayethi, ‘Ukuthula makube kini’nokuyindlela okumele lonke iMuslim libingelele ngayo kwelinye .Eminyakeni eyikhulu i Islam yabe isikhule yadlondlobala emaZwenikazi amat-hathu ,kusukela eChina ,e Africa kanye naseSpain esiseEurope.

## 9. UBUNGOZI BEMIFAKELA KWI ISLAM (BID ‘AH)

UMvelinqangi wawayalela amaMuslim ukuba angabi nhlakanh-laka ekukholweni kepha abe munye.Imifakela kanye nokwahlu-kahlukana enkolweni nasekukhonzeni kuyisenzo ezinukubezekile ngokwel slam ,nesiyiphutha kanye nokuba nhlakanhlaka.Ububi bokuba nhlakanhlaka bangaphambilini baholela ekuqedweni NguMvelinqangi.(Kanti ukwahlukahlukana ngokobuchwepheshe nokuqhudelana ngokwamakhono ngenhloso yokuthuthukisa im-pilo kuvumulekile futhi kuyinto ekhuthazwa kakhulu).Onobubele Bonke ,wasitshela ethumela ngoMlomo ka Muhammad(Uk.M.K) Isithunywa Sakhe sokugcina,ngesikhathi impilo ka Muhammad isiyela ngasekupheleni ,ukuthi useyiphethile Inkolo Islam .Ngakho ke amaMuslim kumele azi ukuthi noma ngabe iluphi ushintsho olungenziwa endleleni okukhonzwa ngayo lwenqatshiwe .Alukho nalunye uguquko oluvumelekile olungenziwa ngumuntu wala emhlabeni efakwa ngusathane umoya wokudunga Abakholwayo. Yonke imifakela ingukuduka futhi iholela esihogweni .Abakhol-wayo akumele bavumele ukwahlukahlukana nokuba nhlakanhla-ka mayelana nasezindabeni zeNkolo.[14] Uma kungake kwenzeke

[14]I Islam isifundisa ukuthi asikho isenzo sokukhonza esivumelekile emehlweni ka Allah uma singahambisani nale mbibandela :Inhloso enhle kumele kube eyokuqala nokuzibula ukug-culisa UMvelinqangi,kanti isenzo kumele sibe ngokwezimfundiso samaSunnah ka Muham-mad (Uk.M.K)

kubekhona ushintsho oluvumelekayo enkolweni lokho kuyoholela ekuqhamukeni kweqembu elisha elenziwe ngumuntu,hayi Islam njengoba yenziwa yabamsulwa nguMvelinqangi,Oyiqiniso. Ukuguqulwa kwemithetho ka Allah akuvumelekile kwi Islam .Umthetho ka Allah umile kulabo baholi abaguqula inqubomgomo yokukhonza kwebandla.Lowo ozama ukwenza izinguquko afake okwakhe uzibeka ecaleni lokuzibeka esikhundleni esilinganayo nesikaMvelinqangi,okusho ukuthi uyobe esenze isono sokukhonza onkulunkulu abaningi.Isibonelo sifana nokuthi ubulele umuntu ongenacala.Imithetho kaMvelinqangi imsulwa futhi ayidingi muntu ozoyenza ihambisane nesikhathi samanje.UMvelinqangi usinikeza inkululeko yokuzikhethela ukulalela noma zingalaleli imithetho Yakhe kepha uma sifuna ukulandela izinkanuko zethu.Kodwa usixwayisa ngokuthi singaguquli inqubomgomo yenkolo Yakhe.

## 10. INDABA KA ADAM NO EVA

Indaba kaAdam noEva yashiwo kwi Khur'aani.Yize noma isafana ngokuningi naleyo esatholakala kwizinsalela zezincwadi zaseMandulo kodwa okunye kwezinqubomgomo ezibalulekile akufani. UMvelinqangi wathi ezingelosini ngizobeka isidalwa esisha emhlabeni.UMdali wadala u Adam (Uk.M.K) wambumba ngodaka wamphefumulela ngomoya Wakhe waba ngumphefumulo ophilayo, wamfundisa amagama azo zonke izinto ,kwathi ngawo lowo mphefumulo ka Adam wadala umkakhe u Eva .UMvelinqangi wabavumela ukuthi babuse ePharadesi ngangokuthanda kwabo.UMvelinqangi wathi ezingelosini, "Khothamani ku Adam zakhothama"(Zakwenza lokho ngendlela yokuhlonipha hayi yokukhonza)usathane wayekhona phakathi kwezingelosi yize noma wayengesiyo ,waye yi Jinn[15] uhlobo lwesidalwa esadalwa kuqala kunomuntu saphiwa ukuzenzela ngokuthanda kwaso sona sadalwa ngomlilo,ngesikhathi u Allah eyalela bonke ukuthi bakhothame bakhothama ngaphandle kuka sathane yena owanqaba ngenxa yokuzikhukhumeza ezibona engcono kunoAdam

[15]Amajinn adalwa kuqala kunoAdam, anelungelo lokuzikhethela ukwenza ngokuthanda. Lawo angalaleli angamadimoni.Aphila la emhlabeni nathi kodwa thina asikwazi ukuwabona, wona ayakwazi ukusibona, singawabona kuphela uma ethanda ayakwazi ukushintsha isimo sawo sibe ngesenyama.Imilingo nekuyinto engavumelekile kwilslam yenziwa ngawo.

odalwe ngobumba yena edalwe ngomlilo ,akujiki usathane way-engumcwasi.
Usathane wasuswa emseni kaMvelinqangi .ONgumshayimithetho wamjezisa usathane ngokungalaleli umthetho Wakhe ,oqalekisi-weyo wacela kuMvelinqangi ukuthi amnike ithuba lokuthi am-vumele adukise uAdam kanye nesizukulwane sakhe endleleni elungile,kuze kufike ilanga lokwahlulelwa.Usathane wathi , 'Ngi-qinisile ngiyakumdukisa futhi ngiyakuvusa kuye izinkanuko".UM-velinqangi wamnikeza lelothuba njengesivivinyo esintwini.U Allah wazi lokho usathane angakwazi .Kepha uAllah wamtshela into eyodwa ukuthi sathane uyobadukisa labo abayokuvumela ,kepha abami ngeke ubathinte labo abathi bona bahamba noMvelinqangi ngeke abalokothe.Usathane kanye nabasizi bakhe bakhona nje yingoba kuthanda UMvelibnqangi ukuthi babekhona uma ethanda angabasusa ngokuphazima kweso la emhlabeni.Usathane ukho-na la ungaphansi kwamandla ka Allah.
IIslam ayimniki nakancane isabelo sika Mvelinqangi .Akakufanele nakancane lokho.I Islam iyayiphika lento okuthiwa usathane waya empini noMvelinqangi wathatha indawo yesithathu esihlalweni Sakhe sobukhosi basezulwini.UMvelinqangi wathanda ukuthi umuntu abe nethuba lokuzikhethela ukwenza ngokuthanda futhi abe nethuba lokukhona ukuhlukanisa phakathi kokubi nokuhle.
Yize ke owazikhukhumeza, oqalekisiwe alahlwa ngaphandle komusa ka Allah, kodwa ukhonela ukuzofeza inhloso .Umuntu wazalwa emsulwa engenasono ngokwemvelo yakhe.U Allah wanikeza umuntu ukwazi ukubona ubukhona Bakhe ngokubuka nagokucabanga ngenqondo yakhe.
Usathane kanye nabasizi bakhe bayalela ububi banqabele ubuh-le, ngenhloso yokudukisa isintu, uyisitha esikhulu somuntu esih-lala njalo sifuna ukudukisa umuntu ekukhonzeni UMdali ukuze akhonze izithombe nasekukholelweni ekukhonzeni Oyedwa we-qiniso
Okulandelayo isihlaziyo sendaba ka Adam (Uk.M.K).no Eva (Uk.M.K)e Pharadesi . Babethokozile benenkululeko emsulwa nen-jabulo ePharadesi.UMdali wabatshela ukuthi bangazidla zonke izithelo ezikhona lapho ngaphandle kwesisodwa ,wabaxwayisa

ukuthi uma bengasidla bayobe sebengabaphula umthetho.Usathane wafika wabatshela ukuthi hayi Umdali akafuni nidle lesithelo ngoba uma nike nasidla siyonenza nihlakaniphe noma niphenduke izingelosi.Wabakhohlisa kanjalo ke usathane basebesidla isithelo bobabili.

Emveni kwalokho babe sebeba namahloni.Baphendukela kuMdali ngokuzisola bacela intethelelo ,Ongoxolela konke ,Onesihawu sonke ,Onomusa ,wabaxolela.I Islam iyaphikisana nokuthi umuntu wazalwa enesono semvelo ngoba singumthelela wokona kuka Adam(Uk.M.K) no Eva (Uk.M.K).Akekho umuntu oyothwalelwa omunye umuntu umthwalo wezono zakhe (ngokuba yena Ungubulungiswa ).Wonke umuntu uyobuzwa ngezenzo zakhe azenza la emhlabeni futhi uzalwa eyiMuslim emsulwa futhi engenasono. Kubalulekile ukuthi Islam ayibeki iphutha ku Eva (Uk.M.K).Kodwa bobabili babe nenkululeko yokuzenzela ngokukhululeka .Bobabili badla isithelo.Ukungalaleli nesono sabo kwakuyinto eyihlanganisela.IIslam iyakuphika ukuthi abesimame bangabalingi noma baqalekiswa ngokuthi kuthiwe bayoya esikhathini baphinde bezwe ubuhlungu uma bebeletha ngenxa yesono sika Eva(Uk.M.K) UMdali wabasusa ePharadesi wabenza badwanguza emhlabeni .UMdali wathi ngaphambilini ezingelosini udala isidalwa esisha azosibeka emhlabeni .Umhlaba yilapho UMdali ayefuna ukuba sibe khona, kusukela ngesikhathi sokudalwa, esikhathini esisekwazini kwakhe,yilapho ayefuna sibe khona. .

## 11 UJESU (Uk.M.K)

UJesu (Uk.M.K) wayenguMPhrofethi neSithunywa sika Allah. Wayebizela abantu ekukhonzeni UNkulunkulu Oyedwa.Akakaze athi ungomunye wonkulunkulu **noma athi kumele akhonzwe.** Wazalwa intombi eyitshitshi uMaria.Lesi kwakungesinye sezibonakaliso zika Jesu(Uk.M.K)asinikwa ngu Allah.UJesu wazalwa ngaphandle kuka baba.Umvelinqangi uthi kwi Khur'aani, ''Ngempela indlela adalwa ngayo uJesu(Uk.M.K) Ngu Allah iyazifanela neka Adamu(Uk.MK)".Wamdala ngothuli wayesethi kuye , "Yiba khona ,wayesebakhona".[Khur'aani 3:59]Umvelinqangi wamdala uJesu(Uk.M.K)njengoba adala yonke into ekhona.UJesu , uAdam

noEva badalwa ngendlela engafani uJesu wadalwa ngaphandle kuka baba kanti uAdam no Eva bona badalwa ngaphandle kuka baba nomama.Sonke thina sadalwa ngendlela kababa nomama. Ukukholelwa ekutheni uJesu uyindodana ka Allah noma unobuhlobo obuthile njengomama,ubaba noma indodakazi kuMnikeza izithunzi esisezingeni eliphansi nesilingana nesomuntu amdalile.[16] Ama Muslim akholelwa ekutheni lesi isenzo esiwukukhonza onkulunkulu abaningi kanti senqatshelwe kwi Islam.Kanjalo ukuthatha okudaliwe ukulinganise noMdali yisono esikhulu nokuyinto ephikisa ukukhonza Oyedwa kwi Islam.

Lenkolelo iphikisa ngisho nezimfundiso zabo bonke abaPhrofethi neSithunywa (Uk.M.K) zika Mdali[17] Umdali akadalwanga isimo dakhe singale kokuqonda kwenqondo yomuntu futhi angeke aba ngomunye wabantu Bakhe abadalile.

UJesu unguMesiya, uKhrestu, Izwi lika Mvelinqangi, ONgcotshiweyo, OWathunyelwa ONomusa, UMdali njengeSithunywa noMphrofethi.

UMvelinqangi uyasitshela ukuthi uJesu(Uk.M.K)indodana kaMariya akafile Wamkhuphulela Kuye.AmaMuslim akholelwa ekutheni ukubuya kuka Jesu(Uk.M.K)kuyobe sekuwuphawu lokusondela kosuku lokwahlulelwla .Uma ebuya uyobe engabuyile njengoMphrofethi neSithunywa esisoletha isambulo esisha.Kunalokho uyohola inkolo yeqiniso acekele phansi bonke labo abangama-

[16]Kwaku ngezikhathi saseDolobhakazini laseNicea(elalakhiwe ezweni namhlanje elaziwa ngokuthi yi Turkey ,okungamamayela angu 700 noma 1100km enhla nentshonalanga yase Jerusalem eduze nempumalanga yenhloko Dolobha yaseRoma)lapho kwavunyelwana khona ukuthi emkhandlwini wase Nacea ,ngemva kweminyaka engu 352 kwazalwa ujesu, ukuthi uJesu athathwe
Umdalinjengosebunkulunkulwini kunokuthi athathwe njengoyiSithunywa noMphrofethi ka Allah.Inqubongqikithi yobunye ebuthathwini yakhelwa phezu kokuthi kuthiwe uJesu uyafana nonkulunkulu noma uyalingana Nanye.Lokhu kuyaphikisana kakhulu nendlela yezinkolo ezingaphansi kuka Abrahama ezintathu,zona ezazibizela abantu ekukhonzeni Oyedwa vo,kanti Nanye uqobo akakaze akusho lokhu. IIslam ifundisa inqubo yokuthi ujesu wabakhona ngesikhathi ingelosi inika umama wakhe uMaria(Uk.M.K) umbiko wezindaba ezinhle zokuza kweNdoda nokuthi izozalwa njengomqondisi nomusa esintwini.Wabuza ukuthi kungenzeka kanjani lokho ngingakaze ngithintwe gumuntu wesilisa .Ingelosi yaphendula yathi , "Uma umdali ethi akwenzeke, kuyenzeka"Kusukela lapho ke ukuthi kuthiwe indodana ka Mariya(Uk.m.k)"Iyizwi lika Mvelinqangi" i "Izwi" inkulumo ka Mvelinqangi,ethi "yenzeka"

[17]Yize noma AmaKhrestu namaJuda engawuphula umthetho wokukhonza unkulunkulu oyedwa njengokwendabuku yabo kuAbrahama kodwa IIslam ibanikeza ukuhlonipheka okubafanele ngokubabiza ''Ngabantu bencwadi".Babizwa ngalendlela ngoba bamukela isambulo somthetho kanye nomqulu ovela kuMdali kanti iyabazisa kakhulu abanye abaPhrofethi bakhe.

mukeli abayobe baletha isilingo nobubi ezweni .UJesu(Uk.M.K) uyolandela isigcwaliseko somthetho wokugcina esambulwa kuMuhammad(Uk.M.K)

## 12 ISONO NOKUSIVUMA

Isono siwukuzikhethela kanti saziwa ngokuthi siwukungalaleli UMdali.Isono esikhulu kunazo zonke esokubhanqa uMdali nakudalile,yize ke noma isiphi isenzo sokungalaleli umthetho kaMvelinqangi siyisono.UMvelinqangi ,uzinqabele izinto eziningi ezingadala ubungozi empilweni yomuntu noma yomphakathi.uk ubulala,Ukugwazana,ukuntshontha,ukweba imali,ukubolekisa ngemali(kuchaziwe ku18)[18] ubufebe,ukuphinga,umlingo(kuchaziwe ku 15)ukuphuza utshwala,ukudla ingulube,kanye nokubhema isidakamizwa lezi yizibonelo sesenzo eziyisono.

I Islam iyawuphika umqondo wokuthi kunesono umuntu azalwa naso ngokwemvelo.Awukho umphefumulo oyothwalela omunye isono sawo ,njengoba lokho kungasho ukungabikho kobulungiswa ngoba UMvelinqangi ONgonomusa,enoBulungiswa.Yilowo nalowo uyobuzwa ngalokho ayekwenza emhlabeni Ngumboni wakho konke esikwenzayo.Uma kukhona oyalela omunye ukuthi enze isono labo bayakujeziswa bobabili.Oyedwawabo oyokujeziselwaukwenza isono bese kuthi omunye ajeziselwa ukugqugquzelwa kokwenziwa kwesono.

Uma umuntu enza isono umelwe ukujeziswa. Ngenhlanhla uMdali Unobubele futhi Ungoxolela konke.UMdali usebenza ngokolwazi olungenamkhawulo nobulungiswa.

AmaMuslim awakholelwa ekutheni UJesu kwakumele afe ukuze kuthethelelwe isono zabantu.Onobubele kakhulu uthethelela lowo Amkhethayo.Ukukholelwa ekutheni kwakumele uJesu (Uk.M.K) ahlukumezeke afe ukuze kuthethelelwe izono zethu kubukela phansi amandla angenamkhawulo nobulungiswa buka Mvelinqangi.UMvelinqangi umi ingunaphakade Emseni Wakhe .UMdali Oyimpendulo,usithembisa ukuthi uzosithethelela uma sivuma

---

[18]Ukubizwa ngokwengeza inani elithile lemali uma uboleka umuntu imali akuvumelekile kusukela kudala nje kwi Islam eBukhresitwini kanye nakuBujuda.Yize eBukhresintwini lomthetho waguqulwa ngezikhathi seMiddle Ages Entshonalanga. Namhlanje ngisho nasemazweni amaMuslim aseyakuvumela lokhu kuphulwa komthetho ka Mvelinqangi.

ngokuzithoba isono zethu Kuye.Intethelelo iwudaba olubalulekile kakhulu.Ngalendlela umuntu angathola insindiso ngomusa kaMvelinqangi.Isindiso ingeze yathathwa kalula nje.Ukuvuma izono ngokuphelele nangokujulile kunalemibandela elandelayo:

1. Umuntu kumele **azibone** ukuthi wenze isono bese eyazisola ngokuphelele nangokusuka ekujuleni kwenhliziyo yakhe azisole.
2. Umuntu kumele asehlise bese ephendukela kuMvelinqangi ukuze athethelelwe.
3. Kumele umuntu abe nesinqumo esijulile sokuthi angeke esaphinda asenze esinye isono futhi.
4. Uma isono sicekela phansi impilo yomuntu nakanjani kumele athole ikhambi lokuselapha leso sono.

Lokhu akusho ukuthi uma umuntu ebuyela esonweni esifanayo kusasa, intethelelo yesono esidlulile ayibe isathathwa njengesemthethweni .Into efunekayo ukuzinikela okujulile.Empeleni ngoba ikusasa asilazi ukuthi lisiphatheleni iminyango yentethelelo ihlala njalo ivuliwe.ONgumahlululeli uyangculiseka njalo nje uma ebona umntwana ka Adam ephendukela kuye ecela intethelelo Yakhe.Ukucela intethelelo kuyingxenye yokukhonza.

Akekho ongathethelela izono ngaphandle kukaMvelinqangi.Akuvumelekile kumaMuslim ukufuna intethelelo ngokuya kumuntu othile noma ngokuphendukela kumuntu othile, njengoba lokho kuba sekusho ukukhonza onkulunkulu abaningi.

## 13. UKUHLELEKA KOKWAKEKHA KWE ISLAM

I Islam ingcizelela ubudlelwano bomuntu ngayedwana noMdali. Ukwakheka kwalobudlelwano kulandela imigudu yokukhalima okumele ilandelwe eku Khur'aani nakuma Sunnah.Lobudlelwano bubuye buchaze ubudlelwano nawo wonke umuntu nobuletha ubulungiswa, ukuhleleka kanye noxolo emphakathini.

IKhur'aani ithi, "Ngempela Omsulwa kunani nonke emehlweni ka Allah ilowo owesaba u Allah ukwedlula konke".[Khur'aani] 49:13. Ohlakaniphile,Ongcwele,Onolwazoluningi ku Islam,kanye nowenza ngokuyikho ngempela laba ngabaholi bokuzalwa ku Islam.

I Islam ayinambandela wokuthi ngubani ongaba yisiGele,noma ngubani ohlakaniphile,ofundile,nokwazi ukuzilawulela ekuzabala-

zeni kanzima ukuthi aphenduke isiGele,kodwa akusiye unoma ubani ongaba namandla okwenza lokho.Wonke umuntu kumele azabalazele ukuthola ulwazi ngakho konke okusemandleni ache, ebe emqondweni wakhe engalibele ukuthi UMvelinqangi munye,Umuphi wolwazi nokuqonda kanzulu.

IsiGele noma Isifundiswa sidlala indima enkulu emphakathini waMuslim .Owesilisa noma owesifazane ochithe iminyaka emingi efunda nge Islam .Izifundiswa ngeke zasixolela isono , zibusise abantu noma zishintshe umthetho ka Allah .Zihlanganisa ulwazi eziluthole kwi Khur'aani nakumaSunnah;ngokunotha kolwazi lwabo zigqugquzela nabanye ukuthi benze okuhle.Abanye basebenzisa igama elithi Ongoti uma bechaza iziGele ze Islam lokhu ukuholela ophathe akunambandela noma ubukhosi obulwandelwayo.Ubudlelwano bomuntu ngayedwana noMvelinqangi kuphela ayi okunye.Akekho namunye ongasho ukuthi into ivumelekile noma iyisono ngaphandle kuka Mdali.Asikho Isidalwa esingabusisa esinye.Ilowo nalowo uyozimela ngaphambi koMdali.Ohambele eMosque angabona ome ngaphambili ehola umthandazo. Uma amaMuslim ethandaza kumele akhethe oyedwa ozowahola emthandazweni ame ngaphambili ukuze kube nokuhambisana nesizotha.

Kubalulekile ukuthi kukhethwe umuntu onolwazi lweKhur'aani ne Islam.Lowomuntu ubizwa ngokuthi i Imaam nokuchaza ukuthi 'Lowo oholayo'.Emini ngolwesihlanu kuba nombuthano womthandazo nokumele yonke Indoda iwuthamele.Lomthandazo wandulelwa Intshumayelo emfishane.Onikeza lentshumayelo kumele abe ngonolwazi oluphelele kanye nokuqonda okujulile ngezinqubomgomo zeIslam.

## 14. UMTHETHO NGOKWE ISLAM

Umthetho weIslam uchashunwe wakhishwa kwi Khur'aani nakuma Sunaah ka mphrofethi uMuhammad(Uk.M.K).Njenge Khur'aani ,ama Sunnah nawo afika ngokwesambulo evela kuMdali.Umthetho we Islam uqokelele wonke umkhakha empilweni.Ubandakanya indlela okumele kukhonzwe ngayo UMdali kanye nokuthi kumele uphilisane kanjanoi nabanye abantu.UMdali uyalele abantu ukuthi

benze izinto ezithile waphinde wanqaba ukuthi ezinye zenziwe. Yena Yedwa ,Owazikonke ,Ubulungiswa,unelungelo lokwenza ezinye izinto zibe semthethwenin ezinye zingabi semthethweni. Umphakathi waMuslim ungashicilela umthetho ukuze unyuse izingalempilo (isb.imithetho yemigwaqo) kuphela nje lokho uma kungezukuphikisana nomthetho we Islam .UMvelinqangi, UMqaphi Nomqondisi, ugqugquzela ezinye izinto kodwa hayi ngoba ethi azenziwe Aphinde angazigqugquzeli ezinye ngaphandle kokuthi azenqabele ngokusobala.Zonke lesihlanganiso zithathelwa emthethweni we Islam.

Uma sithasisela ngempela kunezinto ezibaliwe ezivumelekile kwi Islam futhi kukhona nezingavumelekile, lokhu kwenza kube khona imitheshwana emihlanu okumele ilandelwe yiwo wonke umuntu:

**1. Okungamele kungenziwa 2.Okugqugquzelwe 3.Okuvumelekile 4.Okungagqugquzelwe 5.Okwenqatshelwe**

Imvelaphi yomthetho we Islam ingokwaseZulwini.Isizathu esenza ukuthi siyilalele lemithetho yingoba Umvelinqangi usiyalela ukuba siyihloniphe singayephuli.Siyalelwe ukuba siqonde inhlakanipho esemthethweni sibe silindeleke nokukuthi siyilandele ngisho noma ngabe asiyiqondi isizathu ukuthi kungani.Ukuqonda kuyisipho esengeziwe.Ukwenza ¨isibonelo.ukudla ingulube kunqatshelwe ngoba kusho UMdali.Asiyidli ngoba kwasho Allah hayi ngoba kwenzeka sazi ezempilo ezithi inezifo eziningi ezitholakala enyameni yayo yodwa engenampilo.Ngisho noma kungathiwa ochwepheshe sebekwazi kangakanani ukukhiqiza inyama yayo engenazifo angeke savumeleka ukuyidla.(Yize umuntu engavumeleka ukuyidla ukuze aphephise impilo yakhe uma kungekho okunye angakwenza,lokho angeke kuthathwe njengesono).Imithetho ye Islam itholakala kumaSunnah naku Khur'aani.UMvelinqangi ukuthatha njengokukhonza onkulunkulu abaningi ukuguqula imithetho yakhe.Ukwenza kube semthethweni lokho Yena akwenqabele akuvumelekile .18*UYena Yedwa oshaya umthetho wezinto ezivumelekile nezingavumelekile ,eziyisono.Kwelizayo,UYena Yedwa ONamandla nenhlakanipho yokuzuzisa labo abanze kahle ,ajezise abenze izono eziningi.

# 15. INDLELA YOKUGQOKA KWI ISLAM

I Islam ikhuthaza ukuhlonisha kwemizimba esintwini kanti ifuna ukuqeda isimo sokungaziphathi kahle emphakathini. Enye yezindlela eyenzayo ukuthi idinga umuntu agqoke ngendlela enokuhlonipheka.Kubekelwe abesilisa nabesifazane ukuhlonipheka ngokwezinga lokwebhathisa umzimba.
Kwamanye amazwe asentshonalanga kunemithetho ebalula amazinga okuhlonipheka.Lokhu ngokuvamile kuyaye kube njengokwemboza izitho zangasese kwabesilisa kanti kwabesifazane ukwemboza izitho zangasese kanye namabele.Uma lokhu kungenziwe lowo muntu angabekwa icala lokwephula umthetho wokungambathi .Isizathu sibhekwa ngokwahlukana kwezindlela zokugqoka phakathi kwabesilisa nabesifazane.
I Islam ichaza ngendlela enokuhluka neqotho kubo bobabili abesilisa nabesifazane.La ku Islam abesilisa nabesifazane balindeleke ukuba bagqoke ngendlela ehloniphekile ejwayelekile nenesithunzi. Owesilisa kumele njalo ahlale egqoke isingubo ezingamumpintshi nezingavezi umzimba ,angemboza kusukela ngenhla kwenkaba kuze kuyoshaya ngenzansi kwamadolo.Lokhu ukugqoka okuphelele okulindeleke kumuntu wesilisa.Akumele aphume ekhaya egqoke isikhindi sokuphalaza, eyohlangana nabantu emphakathini ,kanti owesifazane oyiMuslim kumele okungenani amboze izinwele kanye nomzimba ,akagqoke izembatho ezingamumpintshi nezingabonakalisi ingaphakathi lomzimba kumele afihle umzimba wakhe wonke emphakathini,abanye bakhetha ngisho ukumboza ubuso nezandla.Imfihlo yobuhlakani yokugqoka ngalendlela ukuthi kungabibikho ukuphingana ngokubukana ngamehlo kanye nokuvuselana izinkanuko emphakathini.Ukuhlonipha,ulandele lendlela yokwembatha kuseyindlela yokukhonza.Akuvumelekile ukuya ocansini ungashadile la kwi Islam kanye noma isiphi isenzo sezocansi asivumelekile.Kodwa i Islam iyakugqugquzela ukucelana ucansi kanye nokuphathaphathana kwababili abashadile kodwa endaweni ecashile ekhaya labo.
Abanye abacwaningi basentshonalanga baye bavumelana ngokuthi ukwembozwa kwamakhanda ngabesifazane kukhombisa ukuthi banga phansi kwabesilisa kanye nokucindezelaka

kwabo.Lokhu kungeke kwaba yiqiniso .Owesifazane uma egqoke ngalendlela usuke elwisana nokulinga abantu besilisa emgwaqeni nokuthi ahambe ehalelwa ngunoma ngubani.Umlayezo asuke ewunikeza uthi, “Ngihloniphe ngalokhu engiyikho .Angisiyo into yocansi lukanoma ubani”.
I Islam ifundisa ukuthi ukungahlonishiswa kwemizimba kungeze kwaba nomthelela omubi kumuntu oyedwa, kodwa emphakathini wonke ovumela ukungafihlwa kwemizimba nokuxubana ngokuzikhethela kwabesilisa nabesifazane, bese kubakhona ukuhalelana ngokwezocansi .Lomphumela ubalulekile ungeke wanganakwa. Ukwenza abantu besifazane izinto zocansi akusiyo inkululeko leyo.Empeleni ukubukela phansi isithunzi somuntu noku seyindlela yokucindezela.Inkululeko yomuntu wesifazane oyiMuslim ingabonakala ngokuthi amukelwe ngendlela ayiyo, hayi ngendlela yokuthi avezele abantu umzimba wakhe.Ngokombono we Islam “Okhululekile” wesifazane wasentshonalanga –nokumele aqikelele idanda, ukubukeka kanye nobusha ngendlela yokugculisa abantu- ukunoxhaka oyindlela yobugqila .

## 16. ABESIFAZANE KWI ISLAM

Abesifazane nabesilisa bayalingana phambi kuka Mvelinqangi. Bonke bayobuzwa phambi ku Allah.Bonke bayothola umvuzo kawezenzo nokholo lwabo kwelizayo.Umshado ugqugquzelwa kakhulu futhi uwukuvumelana phakathi kwababili kanti uyisipho esivela ezulwini .I Islam ibuka owesifazane oshadile nongashadille ngayedwana njengomuntu onelungelo lakhe eliphelele.Unelungelo lobunikazi bento,ukuba nomnotho,nokuthi angayisebenzisa ngendlela athanda ngayo.Umnotho wakhe awuphenduki umnotho wendoda yakhe ngemva kokushada noma kwesahlukaniso. Owesifazane unelungelo lokushada lowo amthandayo futhi uma eseshadile angasishintshi isibongo sakhe uma esafuna ukugcina umlando wozalo lwakhe.Owesifazane angacela isehlukaniso somshado uma umshado ungahambi kahle.Ngakwezezimali yilowo nalowo unelungelo eliphelele lokuzimela.Owesifazane nowesilisa unelungelo eliphelele lobunikazi bempahla nokuthi angabamba iqhaza ebhizinisini uma ethanda,noma alithole ngokwesabelo.Bo-

bali banelungelo elifanayo lokuthola imfundo nomsebenzi kuphela nje uma lokho kungezukuphula inqubomgomo ye Islam.Ukufuna ulwazi kudingekile kubo babali.Uhlobo lolwazi olukhuthazwayo olwenkolo.Kanti futhi kudingekile ukuthi umuntu oyiMuslim kube neqhaza alibambayo emphakathini owesilisa nowesifazane uma esefunde ngokwemfundo kawonke wonke.Isibonelo umphakathi udinga oThisha , oDokotela,amaKhansela ,oSohlalakahle kanye neminye imikhakha eminingi.Isikhala okungenzeka sivele somsebenzi kungadingeka sibanjwe owesifazane noma owesilisa ukuze kusizakale umphakathi.Esimeni esifana nalesi imigudu ye Islam kumele ilandelwe.Abesifazane bayagqugqquzelwa ukuthi bafune ulwazi lwelslam bese kuthi imfundo yabo kawonke wonke ihambisane nesakhiwo senqubo ye Islam, kumele bazabalaze kanzima ukuze bathole ulwazi lwehlakanipho abalufunayo.Ukuvimbela ukuthi umuntu afundele umsebenzi awuthandayo kuyaphikisana ne Islam.

Umsebenzi wendoda ukuthi kumele ibe nguMvikeli womndeni wayo ibanike izidingogqagi okungu kudla, ukubembathisa kanye nophahla lwendlu luka nkosikazi wayo nezingane kanti uma kunesidingo nomunye wesifazane emdenini kumele aluthole uphahla. Abesifazane abathinteki nakancane kulokhu okubaliwe noma ngabe kuthiwa ushadile.UMphrofethi uMuhammad wathi okholwa ngempela ngokumsulwa yilowo owenza kangcono kunkosikazi wakhe.

## 17. UBUKHONDLAKHONDLA BAMADODA KANYE NOMHLABA WAMAMUSLIM

Abantu abaningi bathatha ngokuthi Islam inkolo evumela abesilisa ukuba babe izikhondlakhondla kwabesifazane ngokuthi bababukele phansi.Babheka izimo zabesifazane bakwamanye amazwe amaMuslim ukuze bafakazele lokhu abakushoyo.[19] Iphutha abalenzayo elokuhluleka ukwahlukanisa phakathi kosiko lomuntu onikeziwe kanye nezimfundiso zeqiniso zenkolo abangayiqangula.Kunyantisa igazi ukuzwa ukuthi ukucindezelwa kwa-

[19]Ngeshwa, ukuthi Izwe ele Islam lokho akusho ukuthi uhulumeni wezwe noma abantu sekumele balandele umthetho we Islam (Sharia).

bantu besifazane nanamhlanje kusekhona emhlabeni wonke. Abesifazane emhlabeni wesithathu baphila impilo ebuhlungu. Baphethwe ngamadoda kanti bayawenqatshelwa amalungelo abo ayizidingogqangi.Lokhu akwenzeki emazweni amaMuslim kuphela noma ukuthi kwenze kumazwe amaMuslim kuphela .Islam ikwenqabele lokhu kucindezela.Akusibo ubulungiswa okuyibo ukugxeka isimo sokwenziwa kosiko lwabantu usihlanganise nezimfundiso zenkolo ibe imfundiso yenkolo ingakuvumeli nakancane lokhu kuziphatha ukuthi kwenziwe.Izimfundiso ze Islam zikubeka ngokusobala ukuthi ukucindezela abesifazane akuvumelekile futhi abesifazane nabesilisa kumele bahlonishwe ngokulinganayo. Ngeshwa elikhulu ,lesenzo sokucindezelwa kwabesimame esikhona kwamanye amazwe omhlaba siyesahlanganiswa ne Islam ngabanye abantu.Umkhuba wokusika abesimame esithweni sangasese awuvumelekile kwi Islam nhlobo nhlobo.Kuyishwa elikhulu ukuzwa ukuthi yize i Islam ikwenqabela lokhu kodwa kwamanye amazwe kusenabantu abasakwenza lokhu noma sebengene enkolweni ye Islam nokuholela ekutheni abanye bacabange ukuthi lento iyingxenye yenqubo ye Islam .Kodwa namhlanje ngokuya ngokuya bethola ulwazi oluphelele bayayiyeka lenqubo engamukelekile kwi Islam.Isibonelo elinye lamaqembu elingabasiki abesimame eKenya lingamaMuslim.

Ukusokwa kwabesilisa kona ke ngempela kuyinqubo elandelwayo njengoba lolusiko lwafundiswa yibo bonke abaPhrofethi neZithunywa kuhlanganisa noMphrofethi u Abrahama (Uk.M.K). Akumele kube khona ukudideka phakathi komkhuba ongavumelekile wokusika abesimame esithweni sabo sangasese kanye nosiko oluvumelekile lokusokwa kwabesilisa.

Esinye isenzo esisabekayo yileso se “gunya lokubulala”,lapho indoda ivumelekile ukubulala owesifazane wasemndenini wayo ngenkolelo yokuthi ubafaka ehlazweni kanye nendlela aziphethe nga yo eyobulwane .Lesenzo noma singavamile kakhulu kodwa kuneqembu le kwelasezwenikazi elincane lase Ndiya elikwenzayo lokhu kanye nale eMiddle east ,nakwezinye izindawo.Lokhu ukubulala kwi Islam okungethethelelwe njengoba ukubulala phela kungavumelekile kwi Islam.Lomkhuba awuvumelekile kwi Islam

nakuMuslim ukuthi lingawenza njengoba phela ulwisana nenkambiso ye Islam.Ukucwasana ngokobuhlanga ,ngokobulili kanye nalo lonke uhlobo lobuntamo lukhuni aluvumelekile kwi Islam .Abanye obaba babe phoqelela amadodakazi abo ukuthi ashade ngesikhathi sika Mphrofethi u Muhammad (Uk.M.K).
Ngesikhathi abesimame befaka izikhalazo kuMphrofethi zalesenzo wawuhoxisa umshado wabanika ithuba lokuthi bawuqede umshado ,ukuze kulandelwe indlela efanelekile ye Islam yokuzikhethela ngokukhululeka ,wabe esesiqeda lesenzo sokucindezela abesimame.Okubuhlungu lomkhuba usaqhubeka nokwenziwa kwamanye amazwe emhlabeni kubandakaya nase "mazweni amaMuslim" imbala.Yize ke noma lesenzo singekho emthethweni cishe emazweni onke kodwa, abesimame base miphakathini yendabuko kungenzeka ukuba abawazi amalungelo abo noma bayasaba ukuyidalula lenkinga.Zonke lezenzo ziyaphikisana ne Islam kanti wonke umuntu oyiMusim kumele abambe iqhaza ekulweni nokuqedwa kwalegwadla emiphakathini yamaMuslim.Yebo i Islam ayiphikisani nama Siko abantu ebathole bewenza inqobo nje uma lawo masiko engaphikisani nokushiwo i Islam,wonke amasiko abantu avumelekile la Kwi Islam ngiyaphinda inqobo nje uma engezukuphikisana nenqubomgomo ye Islam.Into okumele ithathwe nje ngengavumelekile kwi Islam yileyo enga khipha abantu endleleni eqondile abayinikwenzwa Umdali,kuba yinselelo ebhekene nenkolo ukwenza isiqiniseko sokuthi loyo mkhuba uyaqedwa.

## 18. I ISLAM, IMPI KANYE NE JIHAD

I Khur'aani ikubeka kucace ukuthi kuvumelekile ukuthi abantu bazivikele uma behlaselwa.UMvelinqangi Uthi, "Yilwani endleni ka Allah nalabo abalwa nani ningephuli umthetho .Ngeqiniso uAllah akabathandi abephula umthetho."[Khur'aani2:190]
UMvelinqangi Uthi. "(O'maMuslim )Nenziwa yini ukuthi ningalwi endleni eyingcwele ka Allah( mayelana nosizo lwabo)futhi ababuthakathaka phakathi kwamadoda,nabesifazane nabantwana ,abathi ; "O'Nkosi sikhiphe kulomuzi ozakhamuzi zawo zingabacindezeli,futhi siphe ngokwakho uMlondolozi futhi usiphe

ngokwakho uMsizi(Oqinile )".[Khur'aani 4:75]
Kanti futhi iKhur'aani ikubeka kucace ukuthi uma elinye iqembu lithi maluju akuvumelekile ukuthi lihlaselwe.UMvelinqangi Uthi ,Kepha uma beyeka ,ngeqiniso uAllah uyathethelela ,UNomusa. Futhi nilwe kuze kungabe kusaba khona ukuhlushwa .futhi inkolo eka Allah ,kepha uma beyeka akungabi bikho ubutha ngaphandle ngokubhekana nabenzi bobubi.[2:192-193].Kuvumelekile ukuswana nencindezelo nokuhlushwa.Lokhu akubhekisiwe kuma Muslim kuphela ngoba wonke umuntu unelungelo lokukhonza UMdali .UMvelinqangi Uthi , "Imvume yokulwa iyanikezwa kulabo abahlaselwayo ngokuba becindezelwe.Futhi ngempela u Allah uyakwazi ukubalekelela.Labo abakhishwa ezindlini zabo ngaphandle kwesizathu esinobulungiswa ngaphandle kokuthi bathi "INkosi yethu ngu Allah".Futhi ukuba u Allah akazange avimbele abanye abantu ngabanye ngabe izindawo zokukhonza (amaSonto amaSinagogi kanye namaMoskhi) okukhunjulwa kuzo kakhulu igama lika Allah zaziyobhidlizwa.Futhi ngempela u Allah uzomsiza lowo OMsizayo.Ngempela u Allah Mkhulu futhi unamandla onke" [Khur'aani 22:39-40]Lamazwi ngokucacile athi ama Muslim kumele alwe avikele abantu bezinye izinkolo uma besendaweni lapho amaMuslim enamandla khona okubavikela. Impilo ,Ukutuswa,kanye nempahla yawo wonke umuntu ithathwa njengento eyisiphiwo esivela kuMdali .Impahla ngungaba eyeMuslim noma eyongasilo iMuslim kubalulekile ukuthi ivikelwe.Bonke abantu kumele bakhululeke ukukhonza umdali.**Kumele bakhululeke ukuzikhethela ukukhonza ngokukhululeka.**UMvelinqangi uthi ,UMqaphi wo Kholo,ngokungananazi Uthi, **"Ayikho impoqo enkolweni".**[Khur'aani 2:256].

Yilapho ke esivumeleka khona ukusebenzisa inqubomgomo iJihad .Igama **elithi Jihad kabanzi lichaza umzabalazo** noma ukufaka umfutho wokuqeda isimo esithile hayi impi kuphela.IJihad kungaba ukuhlehla empini uphonse ithawula,noma ukulwisana nokwenza izifiso zakho ezihambisana nobubi.**Ayikho into ebizwa "ngempi engcwele" ku Islam noma kwi Khur'aani.**Lokhu kwaba ukuchazwa kwaleligama ngendlela eyiphutha engasiyo incazelo yakhona yangempela.Impi engcwele yezelwa ukufaka ngenkani

abantu enkolweni kanti lokhu kwenqatshiwe kwi Islam. Ukulwa empini kungaba yi Jihad kodwa ngaphansi kwamuphi umbandela?Ama Muslim alwela ukuzivikela ,njengoba kwenza nabanye.Yini enyenza lokulwa kube i Jihad?Impendulo ithi lokhu kulwa kuba iJihad kuphela uma kwenziwa ngaphansi kwenqubo yokuzithoba kuMvelinqangi nangokwenqubo yomthetho Wakhe. Akusiyo iJihad ukulwela umnotho ,ubuzwe,umngcele,ubuhlanga ,ukuhlonishwa,njll.Ijihad iwukulwa okudinga izinga eliphezulu lokukhona ukulawula intukuthelo yakho ingeqi kakhulu.Ngesikhathi sika Mphrofethi uMuhammad (Uk.M.K)Yena waba isibonelo sokuthi iJihad iliwa kanjani.Ngesikhathi uMuhammad eqala eshumayela i Islam kwelase Mekha abantu babephikisana naye bengamfuni.Ngenxa yokholo lwabo uMuhammad nabalandeli Bakhe babehlushwa benswinywa,belinyazwa ,bexoshwa ,belinyazelwa impahla yabo baze babulawe imbala.Kodwa ngale kwalokho amaMuslim awazange agudluke enkulandeleni inqubo okuyiyo okumele ilandelwe nekungeyokuba noxolo,hayi udlame nokuphindisela ngendlela enesihluku.Ngemuva kweminyaka eyishumi yokushumayela kwakhe i Islam Amakhosi nabaholi base Mekha bahlangana bakha intulo lokumbulala uMphrofethi kaMvelinqangi (Uk.M.K),kepha ingelosi uGabhriyeli yamazisa ngaleli tulo uMuhammad(Uk.M.K).Ngobusuku okwakumele abulawe ngabo wabaleka esuka eMekha waya eMedina kanti okwakumele bambulale babemulele ezithendeni izinsuku.[20] Isimo saya ngokuya siba manzonzo lapho okwaze kwaphoqeleka ukuthi wonke ama-Muslim abaleke.Babevumelekile ngokusemthethweni ukuthi bangabalekela kulelizwe kwiNhlokodolobha esenhla nezwe,lapho uMuhammad amukelwa ngenhlokomo enkulu njengeSithunywa sika Allah kanye nomholi.EMedina yilapho okwakhiwa khona umphakathi wamaMuslim ,kanti kusuka lapho uMphrofethi uMuhammad (U.K.M.K)waqala umsebenzi wakhe awubizelwe wokushumayela i Islam nokubizela abantu kuyo.

AbaseMekha babe funa ukucisha kuphele nya nge Islam nangez-

[20]Lolufuduko olwenziwa luka Muhammad (Uk.M.K) lubizwa ngokuthi i Hijra, nokuyilona olwenza ukuqala ngokuba khona kwe Khalenda yamaMuslim.IKhalenda yamaMuslim inezinyanga ezingu 12.Ileyo naleyo nyanga iqalisa ngokubonakala kwenyanga engucwezu.Lendlela iyefana nendlela okubalwa ngayo iKhalenda yamaHeberu nayo enezinyanga ezingu 12 zeLunar.

imfundiso zayo ngokuthi babulale uMuhammad(Uk.M.K).Kunemikhankaso eminingi eyenziwa ngelase Mekha ukuzama ukuhlasela elase Medina ngenhloso yokuyobulala amaMuslim. Ngalesikhathi impi eyayihlome iyizingovolo yabahlaseli bamaMuslim isisondele ukuzohlasela amaMuslim ezweni lase Medina ,Umvelinqangi, Usolwazilonke wayalela abahlaselwa okokuqala gqa ukuba bathathe izikhali bazivikele bona nokholo lwabo kwi Jihad.Abahedeni baseMekha bahlulwa kulempi ,behlulwa abantu ababe mubalwa kunabo bengenazikhali ezanele kodwa benokholo kuphela.Ngemuva kokuba abaseMekha sebebonile ukuthi bayehlulwa amaMuslim aphakamisa ukuba kube nesivumelwano esenziwayo sokungabi nabungozi esagunyazwa nguMuhammad (Uk.M.K)kanye nomfelandawonye wamakhosi aseMekha.U Allah ufuna ukuthi amaMuslim azabalazele ukuthi kube khona ukuthula kulolonke izwe ngalonke ithuba.Lesivumelwano sanikeza ithuba amaMuslim ayengahlomile ithuba lokwenza iHajj eKa'aaba eyakhandwa ngu Abrahama(Uk.M.K).Ngesikhathi saloluxolo sakhombisa ukubonakala kokudangala kwabaholi base Mekha ababebona ukukhula ngokushesha kwenani lama Muslim .Baphina futhi bahlela intulo labo lobuhlakani elalisezingeni eliphezulu baphula isivumelwano ,bahlasela babulala amaMuslim amaningi bezama ukuqeda i Islam nokuthula.

Kwaba ngemuva kokwephulwa kwesivumelwano ngabeseMekha lapho okwambulwa khona Isahluko seKhur'aani okokuqala ngqa nesasiyalela amaMuslim ukuthi abeneJihad ukulwisana nalesisenzo sobudlova sabaseMekha.Okwamangalisa abaseMekha abazange balwe.UMuhammad(Uk.M.K) wangena eMekha ngokuzithoba ezikhundleni sokuphindisela , kepha wavula izandla zakhe ezivulela oxolweni kuwo wonke umuntu.AmaMuslim ayinqoba ngokuthula iMekha ngaphandle kokugobhoza kwegazi ekhuculula iKa'aaba esusa zonke izithixo.UMuhammad (Uk.M.K) wayiqabela incindezelo,ukungabibikho kobulungiswa,kanye nempoqo enkolweni akazange ayivule iminyango yalokhu nakancane. Ngobungcwele wazixolela zonke izitha Zakhe okungabalwa nalabo abamuhlukumeza babulala amalunga omndeni wakhe.Lona nguMuhammad(Uk.M.K)isibonelo seqiniso ,Umkhululi wesintu

kanye nesibonelo seJihad.

Okulandelayo kuzosibonisa ukuthi yayilwa kanjani iJihad kwi Islam.UMuhammad (Uk.M.K) wakunqaba ukubulawa kwabantu abangahlomile.U Ibn 'Umar, umlandeli ka Muhammad (Uk.M.K) wathi, "Ngabona isidumbu sowesifazane owayebulewe kwenye yezimpi zika MPhrofethi (Uk.M.K) ngako ke wakuqeda ukubulawa kwabesifazane nabantwana. [kuse ncwadini Bukhari nama Muslim]

URabah Rabi naye wayengomunye wabalandeli baka bakaMuhammad (Uk.M.K)naye wanikeza omunye umbiko ngesehlakalo esenzeka bekwenye yezimpini :"SasinesiThunywa sika Mvelinqangi empini lapho sabona khona abantu bebuthene ndawonye .Wathumela indoda ukuyobuza ukuthi kungani bebuthene ndawonye .Indoda yabuya yathi:, "Bangunge isidumbu sowesifazane obulelwe".UKhalid Al Walid owayehola impi wathumela indoda kuye wathi,: "Tshela uKhalid ukuthi angababulali abesimame nabantwana nezakhamuzi.[utholakala encwadini yamaSunnah Abi Dawud].Isithunywa sika Allah sasivamise ukuthi ngaphambi kokukhulula amabutho : "Hambani phambili egameni lika Allah. Ningabulali abantu abadala,izingane noma abesimame futhi ningabulali kuzekweqe".[incwadi kaMuwatta]

Kukho konke lokhu manje kulula ukubona indawo okumi kuyo i Islam nobudlova.**Ubudlova abuvumelekile nakancane kwi Islam.**Ubudlova kuseyingxenye yempi lapho khona abantu abangenacala bebulawa khona.Kucalile lokhu esesikuzwile ukuthi noma ngabe amaMuslim ayelwa ngenhloso yokuzivikela kodwa ayengavumelekile ukubulala izakhamuzi,noma acekele phansi izitshalo ,izihlahla noma imfuyo.Lokhu akuvumelekile emthethweni welslam nakusibonelo sika Muhammad(Uk.M.K).Ukubulala kuyicala nokuhlukumeza kuMvelinqangi nasesintwini,**ngisho nangesikhathi sempi.**

Lowo obulala ngenhloso ungumbulali futhi naye usifanele isijeziso sokubulawa.Ubudlova bungumkhakha ongavumelekile kwi Islam futhi emthethweni we Islam abuvumelekile .I Islam ayikuvumeli ukuthathwa kwezinto ezingavumelekile sifakwe ngaphansi kwayo ukuze kuphumelele inhloso ethile.Emlandweni wonke

ukuziphatha kwamaMuslim ayelandela iKhur'aani nama Sunnah ka Muhammad(Uk.M.K),nendlela ayephatha ngayo abanye ngezikhathi zempi abayisibonelo .U Abu Bakar umlandeli ka Mphrofethi uMuhammad(Uk.M.K)nokungo wokuqala ukuthatha ubuholi ngemva kwakhe ,wathumela impi eSiriya ukuyolwa namaRoma ayesabeka kakhulu,waya emabuthweni ache eyowaqinisa idolo. Wathi, "Niyothola nabantu abazinikele kakhulu ekukhonzeni unkulunkulu [amaMonk], ngakho ke nibayeke kulokho obayobe bekwenza".

Ngesikhathi u UMar umlandeli kaMuhammad(Uk.M.K)ekhiphela ngaphandle amaRoma eJerusalema ,amaMuslim amukelwa njengabakhululi.Yize noma amaMuslim ayephumelele ukunqoba indawo kodwa ayengavumelekile ukubuka izakhamizi zendawo njengezitha.Izitha zabo kwakungababusi bamaRoma kuphela ababebacasulile.Ngesikhathi u Umar engena Ejerusalema njengoqobile, wangena ezithobile.Esikhundleni sokwenza isivumelwano esazizoba nzima ebantwini kepha wenza esaba nokubabonelela njengabantu ababengamaKhrestu esasithi kumele bavikeleke futhi babe nenkululeko kulo lonke uhlobo lokuhlukumezeka.

Isivumelwano sasithi, "Lokhu yilokho Umar Umholi wokholo akunikeza abantu ngokuthula.Uqinisekisa ukuphepha kwabo kanye nokwamasonto abo neziphambano zabo.Abayukuphoqwa ukuba bashiye inkolo yabo noma ukuthi bahlukunyezwe".

Ukuqinisekisa ayikho into ebizwa "ngempi engcwele".Impi yimbi ayisobe yaba ngcwele.Ama Muslim awavumelekile ukuphoqa abantu ukuthi bangene enkolweni.Igama elithi Jihad lichaza ukuthi "Umzabalazo".Umzabalazo ungaba onempi.Uthokalani nini umahluko phakathi kwe Jihad neMpi .IJihad angeke kwaba ukulwela izinto zomhlaba noma ukuziphindiselela.AmaMuslim kumele alwele ukuvikela inkululeko yabantu yokukhonza uMvelinqangi ngokukhululeka uma leyo nkululeko ivinjelwa.Awavumelekile ukuhlasela abantu abangenacala ,noma ngabe bona bayahlaselwa .Noma ngabe ubani ophula lenqubomngomo yomthetho welslam uyobe wenza okungavumelekile kwi Islam nokuyinto ephikisana ne Islam.Akuzwakali kahle uma kuzobizwa lempi ngokuthi iJihad,igama elichaza ukuthi ukuzabalaza endleleni yelslam.

Ngokujwayelekile bangababulali abenza lokho kanti kumele bathathwe kanjalo .

## 19. UBUCHWEPHESHE NAMAKHONO

Okunye okwenza i Islam ivelele kwaba ukuhambisana kwayo nobuchwepheshe.IMusim lilandela umbono othi kungeze kwabakhona okungaboni ngasolinye phakathi kobuchwepheshe nenkolo.Inkolo iqhamuka kuMdali,Oyisiqalo Nesiphetho,ngakho ke wadala umhlaba Yena yedwa.IMuslim likholelwa ekutheni incazelo ngemvelo ingatholakala kwi ndalo ka Mvelinqangi-kusukela ekwakhekeni kwezinkanyezi nokunye ngokwahlukahlukana kwakho. AmaMuslim akumele athembele kwizibonakaliso ukuchaza izehlakalo zemvelo.AmaMuslim akholwa ukuthi izibonakaliso indlela leyo UMdali angenelela ngayo kwindalo Yakhe ukuze kubonakale ubukhulu bakhe ngesikhathi sekufiphala lokho.Lokhu kwenzeka ngesizathu.Akukaze kube khona incazelo yephuzu lobuchwepheshe alake laphikisana nemfundiso ye Islam.Yingako ke i Islam ingqungquzela amaMuslim ukuthi afunde ezobuchwepheshe kanti neKhur'aani isikhuthaza ukuthi sifunde ngezimpawu zika Allah endalweni.

I Islam iphinde isivumele ukuthi sihlomule ezithelweni zobukhona besintu.Siyakhuthazwa ukuthi sizabalaze kanzima ukuze umhlaba ube yinto engcono.Ezamakhono zona zingaba zihle noma zimbi.Kuyinselelo ebhekiswe kithi ukuthi sisebenzise ulwazi esabusiswa ngalo NguMvelinqangi ukuze sense isintu sibe ngcono. Ngalesiya sikhathi sokusabalala kweIslam kwakunokuqhakaza okwakukhula kwezobuciko, azamasiko, ezohwebo kanye nakwezamakhono.Izigele emhlabeni we Islam zaphenya zacubungula zenza kangcono mayelana nomkhakha wezokubala,ezemithi,ukufunda ngezinkayenzi ,ezokwakha,ezendawo ,ezomlando nokunye.Ososayensi bama Muslim baqhamuka nohlelo lokubala olwaziwa kaphecelezi ngokuthi i Algebra olusebenzisa indlela yokubala yolimi IwesiArabhu nokuyindlela esasetshenziswa nanamuhla. Kanti nedlela yokubala usebenzise iqanda (0)yathulelwa abasemazweni asentshonalanga ngamaMuslim.Izimfundiso ze Islam zaholela ekubhebhethekiseni ulwazi lwezobucwepheshe.emaz-

weni aseNtsholanga.

## 20. UBUNTAMOLUKHUNI NOBUVUKELAMBUSO

Ubuntamolukhuni buqhamuka egameni elithi ukungagudluki nelithi uma seliphelele "Ukungagudluki entweni okholelwa kuyo". Incazelo yobuntamolukhuni uma ibukwa ngasohlangothini lwenkolo ingachaza ukuthi. "Ukungagudluki emthethweni wenkolo njengokuchazwa kwawo encwadini engcwele".
Uma ubuza abaseNtshonalanga ukuthi, "Yini efika emqodweni wabo kuqala uma bezwa igama elithi 'Muslim'? abaningi baphendula bathi ,'Ivukelambuso'.Lomcabango onje wenziwa ukuthi igama elithi iMuslim liye lenziwa lahambisana "nobuvukelambuso"ngabezindaba. Ukuba uMjuda noma umKhrestu wake wabandakanyeka ezindabeni azithinta ubuvukelambuso leso senzo sasingeke sithathwe njengesokuvukela umbuso,wawungeke uze uzwe kuthiwa "Ivukelambuso loBukhrestu"noma "Ivukelambuso loBujuda".Njengo Jim Jones(owayethi umele uKhrestu)akathathwa njengowayemele ubuKhrestu,ubuvukelambuso akumele buthathe njengobumele i Islam.Mabili amagama asetshenziswayo ukuthi kuthiwe "Ivukelambuso lamaMuslim" noma "Untamolukhuni weMuslim". "Ivukelambuso leMuslim"ukubhecwa ngobende inyama singayidlanga; Umuntu **obambelele ezimfundisweni zenkolo Islam akasilo ivukelambuso.**
Ukuba besingake sigxile ekucubunguleni lamagama amabili asetshenziswa ngokufana besizobona ukuthi kunephutha elikhulu ngokwezincazelo zawo ezisetshenziswa endaweni engeyiyo. Abambiza ngontamo lukhuni yilowo osabambelele ezimfundisweni zeKhur'aani Engcwele njengoba zinjalo zingaguquliwe .
Uma kuza ngakwabezindaba into egqanyiswayo igama elithi ababulali neliphindaphindwayo libhekiswe kwi Islam bethi 'Ontamolukhuni be Islam '.Lokhu akuhambisani nakancane nencazelo yeMuslim leqiniso elegcina izinkambiso zenkolo njengoba zinjalo .Kuyamangaza ukuthi nanamhlanje kusenabantu abasabambelele kokushiwo izitha ze Islam ngelslam kusukela ngezikhathi zempi eyayibhekiswe ku Islam.Izimfundisoze nge Islam nanamhlanje zisenziwa ngabezindaba.Kuyathunaza uma uzwa abezindaba be-

caphuna amazwi eKhur'aani ngokuthanda kwabo bengawafundi phansi njengoba abhaliwe.[21]

Ngesikhathi se "Cold war" isitha kwakungubu Khomanisi namhlanje isitha ngubuMuslim.Lesi isimo amaMuslim azithola esephila ngaphansi kwaso.Izihloko okusuke kukhulunywa ngazo azize zaligqamisa iqiniso Ngongangudluki enkolelweni yakhe ye Islam weqiniso.Yingakho namhlanje sibona labo abaphila emhlabeni weIslam belahlekelwa ithuba lokuphila bazebagcine sebeba nolaka,kuze kufike esimeni sokudideka kakhulu.Bagcina sebenze okungavumelekile nokuthi kungenziwa ngabantu abakholwayo.

## 21. ISIHLAZIYO

I Islam iyi-----nkolo yoBulungiswa,yoKuthula ,yoMusa,kanye nokuThethelwa ,ukholo olungaqondwa ngeqiniso nolubekwa ngendlela engeyiyo.**I Islam ichaza ukuzinikela ekwenzeni intando kaMvelinqangi**,Ongukuthula.I Islam yindlela yokuphila kanoma ngubani okhetha ukwamukela ukuthi **Akekho omunye unkulunkulu ngaphandle kuka Mvelinqangi ,futhi Uyena yedwa omelwe ukukhonza**.Lomhlaba uyindawo yesikhashana futhi ufana nesivivinyo kithina lapho esiyothi uma sesifile sibuyele kuMdali wethu *Umgcini*.Impilo ngemva kokufa iyoba ingunaphakade. Umvelinqangi,Inkazimulo wathumela abaphrofethi oAbrahama, OMose, oJesu, oMuhammad(Uk.M.K)kanye nabo bonke abaphrofethi be Islam,ukeze bazokhalima abantwana baka Adamu bangangeni esonweni. Umdali wakhetha uMuhammad (Uk.M.K) ukuba abe ngowokugcina noyisiphetho sabo bonke, wabe esemupha ugcobo lokuthi kwambulwe kuye isambulo sokugcina iKhur'aani. IKhur'aani ingamazwi evela ngqo kuMvelinqangi akusiwo amazwi kaMuhammad (Uk.M.K) yena owayengafundile.Umvelinqangi uyigcinile iKhur'aani ukuze ibesesimeni sayo sasekuqaleni esingaguquliwe saso sonke isintu.Izinkolelo ezinhlanu ezingaguquki ze Islam esingazibiza ngezinqubomngomo ze Islam yilezi:

---

[21]**Ku Mathewu 10:34 uJesu (Uk.M.K) ucashune ethi, "Ningacababngi ukuthi ngizele ukuletha ukuthula emhlabeni;Angizele ukuletha ukuthula kodwa inkemba."Lapha lomyalezo ukhombisa ukucashunwa kombiko ngokucabangela kungashiwo okuyiwona wona owaphuma emlonyeni Ka Jesu (Uk.M.K).Bonke labo abaguqula umbiko weZithunywa bangawulethi njengoba unjalo bayosithola isijeziso salokho.**

1. **Ukuvuma ukuthi akekho omunye unkulunkulu ngaphandle kuka Mvelinqangi futhi UMuhammad (Uk.M.K) UYisithunywa Sakhe".** 2. **Ukuthandaza** kahlanu ngelanga. 3. Ukukhokha **umnikelo** wabampofu. 4. **Ukuzila** ngenyanga yeRamadaan. 5. **Uhambo** oluya eMekha.

Kubalulekile ukuqonda ukuthi iJihad iyini.IJihad ukuzabalaza endleleni kaAllah kanti kung ke kwaphikisana nenqubomngomo ye Islam.Ubuvukelambuso abuvumelekile nhlobonhlobo kwi Islam kanti futhi buke babizwa ngokuthi iJihad.Umvelinqangi wathi akumele kubekhona impoqo enkolweni.Abalungelo abantu kanye nenkululeko yokuzikhethela into ebekwe phezulu kwi Islam .La kwi Islam abesifazane baneqhaza elikhulu abalibambile.Abesifazane bayalingana futhi kudingeka bahlonishwe ngabesilisa.

Umvelinqangi washo wathi kwi Khur'aani Yena usesenzele Islam inkolo emsulwa, kanti usewuphothulile umusa Wakhe esintwini. Umvelinqangi usesenzele ukukhanya i Islam njengeyokuziqapha singaduku ukuze sibuyele Kuye.

## 22. AMAZWI OMHLELI

OSosanyensi basitshela ukuthi umkhathi unamaGalaxy angu 120 billions.Siyazi ukuthi wonke umuntu wadalwa nguMvelinqangi,Ongomkhulu kakhulu.Uma ngicabanga ngalokhu ukuthi ngingeke ngakwazi ukusiza ngalokhu kodwa ngiyaye ngehle ngingazikhukhumezi ngijule ngokungabaluleki kwami ngaphambi kobukhosi Bakhe.Usathane wafunga wathi uyosidukisa isintu asikhohlise asilethele inzondo nempi.Ukuze ngidlale eyami ingxenye ukuphikisana nosathane ,kumele ngenze okugculisa iNkosi yami ngigqugquzele ukuthula ngokuletha ukuqonda okuyikho.Impilo imfishane kanti iyigugu;kubi ukudlala ngayo ngokuqongelela izinto ezingena nzuzo zalomhlaba ukhohlwe ukusebenzela okuyiyona nhloso yokudalwa kwakho:**ukukhonza Umvelinqangi yedwa** .Abantu abaningi bachitha isikhathi sabo esiningi beqokelela umnotho nokuyinto yesikhashana yalomhlaba. Nge Islam uMdali usimemela ekubuyeleni kokusebenzela impilo engunaphakade. Ngosuku lokwahlulelwa siyobuzwa ukuthi ulwazi esasinalo salusebenzisa kanjani .Siyokubuzwa ngokukhonza

kwethu .Manje sukuyisikhathi sozikulungiselela izimpendulo.
Lencwadi egxile kakhulu esinkulumeni esengake ngazifundisa ngaphezu kweminyaka (engu 20). Lokhu kwakungeke kwenzeke ngaphandle koMusa kaMvelinqangi kanye nabafowehu nodadewethu. Ngiyanibonga kakhulu bafundi ngesikhathi senu nangokuphokophelela kwenu ekutholeni ulwazi nokuqonda nge Islam nokuyinkolo enyenza okukodwa kokuhlanu emhlabeni wonke. Uma ufuna olunye ulwazi nge Islam ungaxhumana nathi ngokuvakashela ku www.islam –is.com .Imibuzo kanye nezincomo zakho zamukelekile kanye nomthelela wokuqubekayo ngalomsebenzi.Siyakuvumela ukuthi ungawusebenzisa lomsebenzi nganoma iyiphi indlela.Kuphela uma uzokwenza isiqiniseko sokuthi awuwucaphuni ngaphandle kwencwadi.Ngicela ungixolele uma kuke kwaba khona lapho engikunyathele khona amakhona ngalomsebenzi.Ngenxa yentshisekelo yami ngeIslam ukholo lwami ngiluchaza ngendlela eqinile.Ngiyayihlonipha imibono yabanye nokungaboni ngasolinye, **Ukuqonda nobulungwisa kuholela ekwakhekeni**,nanokuthi i nkolo yeIslam ithathwa njengenehloso yokuguqula umhlaba wonke ube amaMuslim yingakho Inkolo yami ngiyichaza ngendlela enokungachemi ukuze amampunge ahlale obala ngeIslam .
Sengathi UMvelinqangi angasibusisa sonke ngokusiqapha.Bonke ubuhle obuqhamuka ngenxa yalomsebenzi buvunyelwe Ngokosizo Lwakhe, kanti uma ngike ngasho okungelona usizo, lokho kungenxa yamaphutha ami.UMvelinqangi, Obabazekayo nonoT hando Umsulwa Akanamaphutha.   “Oh, Wena ozwa konke, sivikele kubo bonke ububi buka sathane bese usiholela eqinisweni”.
Ukuthula makube kuwe.   Pete Seda

Bhalela kubagayi noma ushaye ucingo ukuze uthole eziye izincwajana zamahhala ezilandelayo:

1.Islam iyi...Isingeniso se Islam nezinqubomgomo zayo (ngeSizulu ,ngeSixhosa,nangeSibhunu)
2.IKhur'aani yesiZulu ,yesiXhosa ,yesi Arabhu,yesiBhunu noma yesiNgisi
3.Amagama angu 99 ka Allah
4.Ama Nafl ,AmaSunnah kanye neQaza Salah
5.UBismillah kanye neZibusiso zakhe
6.Ishadi lemibhalo yesiArabhu ,iKalimah,iWudhu,Salah,amaDua kanye namaWazeefah
7.Izidingo gqangi ze Islam

Sibonga singaqedi kulaba abalandelayo ngomsebenzi nangomfutho wabo emizameni yokusabalaisa okungenani ulwazi oluyisiqalo nge Islam kanye nezinqubomgomo zayo.

Iganywe Yasatshalaliswa ngabakwa Muhammad Hardware.

*M.Ebrahim (Goolambhai)*
*Muhammad Ebrahim*

